# UKULINDELA

. . . omkhulu nomncane, njengoDkt. F. F. Bosworth, omunye wabalingani bami osanda kuya ekhaya enkazimulweni, esondele eminyakeni eyikhulu ubudala (Bangaki abake bamazi uMfowethu Bosworth na? Ngineqiniso abaningi benu bantu babemazi.), wayevame ukungitshela, wathi, "Awu, Mfowethu Branham, esikusebenzisayo ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, kufana nesicupho osifaka ehhukwini. Awuyikhombisi neze inhlanzi ihhuku, uyikhombisa isicupho, futhi lapho ithatha isicupho, ithola ihhuku." Ngakho yileyondlela esizama ngayo ukusebenzisa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu.

2 Yisiphiwo sikaNkulunkulu esi . . . bese kuthi-ke si . . . sona siheha abantu, futhi babona into ethize yenzeka abaziyo ukuthi ibingeke yenzeke ngaphandle uma uNkulunkulu ekwenzile, ngakho-ke kuphendula ukunaka kwabo basuke ezintweni zezwe baye kuNkulunkulu. Niyabo? Futhi yilokho, isizathu sithi kuyisicupho esiholela izoni . . .

3 Inhloso yethu enkulu lapha, ngukubamba ongakholwayo ekukholweni kuNkulunkulu. Yilokho esifuna ukukwenza, ngukuba, ubone isoni siphendukela ekukholweni okuphilayo eNkosini yethu uJesu Kristu, futhi leyo yinto yethu esemqoka. Into elandelayo ukuzama ukusiza abagulayo nabadingayo ukuthola usizo. Futhi abaningi babo, kusobala, njengoba kunjalo emhlabeni wonke, abanasizo ngokuphelele, ngaphandle uma uNkulunkulu ebenzela okuthile, ngoba isayense yethu yezokwelapha, abanye babo bangaphambili le kwalokho.

4 Futhi ngisanda kusuka ekhaya izolo lapho, noma kuthangi, ya, izolo, lapho engibone khona iNkosi ithatha umuntu ohlanya ngokuphelele, ukuthi iminyaka emibili abazi ngisho nokuthi babekuphi, ukuthi lalingubani igama labo, noma yini ngakho, futhi wababuyisela emqondweni wabo osile, kwaze kwathi abasebenzi bonke besibhedlela bathi abakaze bayibone into enjengayo. Niyabo? Umuntu ohlanya ngokuphelele, intombi ehlanyayo, iminyaka emibili. Futhi nje, lapho ubona into ethize enjalo, siyazi ukuthi kuthatha uNkulunkulu ukwenza lokho, yilokho kuphela.

5 Niyazi ukuthi umuntu angeke akwazi ukwenza izinto ezinjalo, futhi akunikwanga umuntu, empeleni, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, lunye kuphela uhlobo lokuphulukisa futhi lokho ngukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, akukho okunye ukuphulukisa ngaphandle kokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Konke ukuphulukisa kuzofanele kufike ngoNkulunkulu, iHubo 103:3 lathi, "NgiyiNkosi Ephulukisa *zonke* izifo zakho."

6 Manje, ukwelapha ngokomuthi, imithi yokwelapha ayisho ukuthi iyelapha, kuphela bazisho ukuthi basiza imvelo, uNkulunkulu nguYe ophulukisayo. Ngaba nengxoxiswano kwaMayo Brothers, futhi yilokho abangitshela khona lapho, bathi, "Asizisho ukuthi siphulukisa abantu, sizisho kuphela ukuthi sisiza imvelo ngenkathi uNkulunkulu ephulukisa."

7 Ngamany'amazwi, uma unenxeba esandleni sakho, awu, bazokuthunga, abakuphulukisi. Uma une-aphendiksi embi, bangakhipha i-aphendiksi, kodwa yilokho kuphela abangakwenza. Uma unengalo ephukile, ungayihlela ingalo. Ubani ozonikeza ikhalisiyamu nokukuthathayo ukuthunga lelothambo na? Kuthatha, ukwakha kabusha amangqamuzana kuthatha ukuphila, noku*phila* yilokho okwenza ukuphulukisa. Singasika, sihlinze, kanjalonjalo, kodwa singeke saphulukisa, uNkulunkulu uzofanele akwenze lokho qobo lwaKhe, lokho ngukwanda kwamangqamuzana. Lokho kufika kuphela ngoNkulunkulu, yiLowo kuphela Ongakwenza.

8 Singenza indoda engumshini, lapho ebingafinyelelisa khona izandla zayo, futhi cishe impela icabange, kodwa singeke sakha amangqamuzana. Lokho ngukuthi, uNkulunkulu yedwa owenza lokho. Ngakho, UyiNkosi, uphulukisa zonke izifo zethu. Singalikhipha izinyo, kodwa Ubani ozomisa igazi na? Futhi Ubani ozophulukisa indawo eliphuma kuyo na? UNkulunkulu akakwenzi, asisoze siphulukiswe. Kunjalo.

9 Ukuba-ke bengiphandle lapha ngigwedla imoto yami, kusobala lokho kudala, ngiqagele, ezinsukwini zakudala zeModel T, manje, ngenkathi babevame ukugwedla imoto endala, ukuba-ke bengingephuka ingalo, bengiyogijima ngingene, ngithi, "Nyanga, phulukisa ingalo yami ngokukhulu ukushesha, ngi—ngifanele ngiqede ukugwedla imoto yami"?

10 Awu, ubeyothi, "Udinga ukuphulukiswa kwengqondo." Awu, lokho bekungaba njalo. Niyabo? Ubeyothi, "Awu, mina, okungenani ngingahlela ingalo yakho, kodwa *Okuthize* okuphakeme kunami kuzofanele kuyiphulukise." Kunjalo. Angayihlela, futhi lowo ngumsebenzi wakhe, yilokho ebesifanele sikwenze, sihambe futhi simvumele ayihlele, kodwa uNkulunkulu wenza ukuphulukisa. Ngakho, angikholwa ukuthi kukhona into okuthiwa ngumphulukisi ngokukaNkulunkulu ngaphandle kukaNkulunkulu, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu nguyena kuphela uMphulukisi okhona.

11 Ngakho-ke izikhathi eziningi abantu bathe, "Mfowethu Branham, umphulukisi ngokukaNkulunkulu." Qhabo, angisuye umphulukisi ngokukaNkulunkulu kunoma umelusi engumsindisi ngokukaNkulunkulu. Ngakho mina, sishumayela iVangeli nje. IVangeli leNkosi uJesu Kristu liyizindaba ezinhle ukuthi uKristu walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, walinyazwa ngenxa yobubi bethu, isijeziso sokuthula kwethu

sasiphezu kwaKhe, nangemivimbo yaKhe *si*phulukisiwe thina. Kuyinto ethize edlulile. Niyabo? UKristu wasenzela konke okwakudingeka ukuba kwenziwe, futhi konke lokho okungenziwa, sekuvele kwenziwe. Ngikholwa ukuthi into kuphela esifanele siyenze ngukwemukela lokho Akwenzile, osekuvele kwenziwe.

12 Futhi manje, umfundisi, noma yimuphi umfundisi, unelungelo nje impela lokukhulekela abagulayo, noma abantu abangafundele lutho, kakhulu impela nje njenganoma ubani omunye, ngoba Wathi, "Vumani izono zenu komunye nomunye, futhi nikhulekelane, ukuze ni...ningaphulukiswa. Ngokuba umkhuleko oqinileyo wolungileyo unamandla kakhulu." Ngiyakholwa ukuthi akhona amandla emkhulekweni. Ngizibonile izimpendulo eziqonde ngqo emkhulekweni, kodwa angikaze ngiphulukise muntu empilweni yami, kodwa ngimbonile uNkulunkulu enza inqwaba yakho. Ngakho ngi—ngikholwa ukuthi ngukukholwa komuntu ngamunye emsebenzini osuvele uqediwe.

13 Manje, wena uthi...Ngingathi lapha kulobubusuku, "Mangaki amaKristu na?" Izandla *eziningi kangaka* beziyophakama. "Bangaki abasindiswa ngonyaka odlule na?" Izandla *eziningi kangaka* beziyophakama. "Bangaki abasindiswa, mhlawumbe, evikini eledlule na?" Mhlawumbe bekungaba nezandla ezimbili noma ezintathu eziphakamayo. Ngiyehluka, a—awusindiswanga ngonyaka owedlule, noma awusindiswanga ezinsukwini ezimbili noma ezintathu ezedlule, wasindiswa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule eKalvari, kodwa wakwemukela ngonyaka odlule, noma wakwemukela ngeviki eledlule, niyabo, noma ezinsukwini ezimbili ezedlule. Nento efanayo, "ngemivimbo yaKhe *na*phulukiswa," niyabo, "*na*," inkathi edlule, "phulukiswa." Manje, ungakwemukela kulobubusuku, noma ungakwemukela kusasa ebusuku, kumbe noma nini lapho ukwemukela, ngani, kungokwakho, ngakho kukuwe ukuthi ufuna ukukwemukela nini phezu kwalezozisekelo.

14 Futhi manje UngumPristi oMkhulu, amaHeberu 3, ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu uSomandla eZulwini, enza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu. Manje, igama elisetshenziswe lapho e—eNcwadini yamaHeberu liyasetshenziswa, kwiKing James Version, liyasetshenziswa *ukuzisho*, kodwa *ukuzisho* no*kuvuma* kuyinto efanayo. Uzisho into ethize noma uyivume, uzisho ukuthi uyakholwa ukuthi Une...Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zenu ngemivimbo yaYo naphulukiswa. Ngakho UngumPristi oMkhulu ukuba asinxusele phezu kokuvuma kwethu, futhi Angeke asenzele lutho, size kuqala sikwemukele futhi sikuvume.

15 Manje, besingafika phansi e-altare futhi sikhuleke size sibe njalo, saze salala ngobuso futhi safa, size sikholwe, futhi

semukele umusa waKhe oxolelayo, sisalokhu silahlekile. Akunandaba ukuthi besingamemeza kakhulu kangakanani, noma besingahlala isikhathi eside kangakanani, noma ukuthi besingenza kangakanani ngaphandle kokudla, kuze kube senhliziyweni yethu isambulo uNkulunkulu asinika sona ukuthi uJesu Kristu wafa ukuba asisindise, futhi siyakwemukela njengempahla yethu siqu, kuyinto ethize uKristu angenzela yona, ayenzela nina, futhi kunoma ubani ozokukholwa, khona-ke usindisiwe ngoba ukukholiwe, futhi uphulukiswe ngendlela efanayo.

Izikhathi eziningi, abantu bathi, “Ngi—ngiyathanda ukuzwa uma ngiphulukisiwe.”

16 UJesu akazange athi, “Nikuzwile na?” Wathi, “Nikukholiwe na?” Yilokho-ke. “Uyakukholwa na?” Ukuzwa akuhlangene ngalutho kukho, ngukukholwa kwakho. Uma ngenze ngendlela engizizwele ngayo, bengiyoba sesimweni esibi izikhathi eziningi. Ngabe kunjalo, bazalwane na? Ngiqagele sonke besingakwenza. Kodwa akusikho ukuthi ngizizwa kanjani, yilokho engikholwa ukuthi Ukwenzile. Hhayi imizwa yami, ngukukholwa kwami kukuphi na? Umsebenzi osuqediwe eKalvari.

17 Manje, kulokhu kunabaningi mhlawumbe . . . Lesi yisikhathi sami sokuqala sokuba sedolobheni lakini, ngikholwa ukuthi kungokokuqala eVirginia, ukuba ngike ngibe nenkonzo eVirginia; emhlabeni jikelele kasikhombisa, futhi nokho angikaze ngiye eVirginia. Akukubi yini lokho na? Awu, bahlala bethi, “Wonga okwedlula konke, ekugcineni.” Ngabe yilokho okuyikho, bazalwane na? “Okwedlula konke kufika ekugcineni.” Ngakho, sethemba ukuthi lokho kuqinisile impela nje.

18 Uma bonke abantu, njengalabo esihlangane nabo selokhu sibe lapha! Impela sihlangane nabanye abantu abahle kakhulu. Futhi mhlawumbe kade ngihlangana nabantu be—nje izakhamizi, mhlawumbe hhayi ngisho namaKristu. Futhi-ke ayoba yini amaKristu, uma izakhamizi zinjalo, hhayi amaKristu na? Kuba yisimangaliso. Ngakho manje, umhlangano ungaba kuphela noma yini abantu abazoyenza.

19 Manje, uNkulunkulu uyavuma uma sivuma, kodwa sinengxenye yethu okufanele siyidlale, umuntu ngamunye unengxenye yethu ukuba ayidlale, angisakwazi ukwenza imvuselelo ngakho, noma umhlangano kunalutho. Futhi akukho noyedwa umuntu ngamunye, noma akukho nje ababili noma abathathu benu, kuzosithatha sonke ndawonye, sisebenza ndawonye, ngeNkosi uJesu Kristu, ukubona into ethize ifezwa lapha kulelidolobha, ngenkathi sisabuthene ndawonye ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Futhi, mfowethu, dadewethu, siphila eduze kokuphela, sonke siyakwazi lokho. Akukho—akukho . . . ne . . .

20 Ukuba wawuhambe nami onyakeni odlule, noma kanjalo, ubuyo—ubuyokwazi ukuthi lokho kuyiqiniso, niyabo, ukuthi si—sisesimweni esizamazamayo, nesikhathi sokuphela sesiseduze. Nalezizinto, njengoba siqhubeka iviki lonke, sizobe sizethula, okwenzekile, nalokho okuzokwenzeka nje, futhi njengoba nibona emaphephandabeni enu, ukusakazwa kwethelevishini, nokunye futhi, khona-ke nizolalela emBhalweni, nalokho uMoya oNgcwele ozokusho.

21 Manje, ngiyethemba, ngikholwa ukuthi sivamise ukuvala cishe ngehora lokuqala nqo, akunjalo, noma into ethize efana naleyo na? Ihora lokuqala noma elesibili nqo ekuseni na? Kusinika cishe isikhathi sokuba, abafo beFull Gospel ukuba siye enkonzweni yabo. Ngezinye izikhathi, lokho—lokho, niyabo, manje, ungashiyi, bengigcona, bengigcona nje ngalokho. Ngokwejwayelekile, siphuma cishe ngelesishiyagalolunye, noma ligamenxe elesishiyagalolunye, bese kuthi-ke, nomugqa womkhuleko. Ngakho, ngicabanga ukuthi nge audi-. . . abagcini, ngiqagele, bazositshela ukuthi kungakanani, noma singagcina isikhathi esingakanani ihholo elikhulu livuliwe, noma yini enye.

22 Manje, ufanele ungene ocingweni, ufanele ushayele abantu, futhi—futhi asi . . . Ngiyanitshela manje, ngizonitshela ukuthi kanjani ukuthi thina, ngiyakholwa, ukuthi siqhuba umhlangano, noma, nabazalwane. Futhi—futhi khumbulani, noma nini lapho nizwa ukuthi nifuna ukuba nomuntu ozokhulekelwa, noma yimuphi walaba bazalwane lapha, bakholwa yiVangeli elifanayo engilishumayela lapha, niyabo, nomelusi wenu unelungelo nje impela lokunikhulekela njenganoma ubani omunye. Lapha sihlangana ndawonye nje, ngikholwa ukuthi kulotshiwe emBhalweni, iNkosi yathi, "Uma abantu ababizwa ngeGama laMi beyobuthana ndawonye, bakhuleke, khona-ke Ngiyozwa ngiseZulwini, ngiphulukise amazwe abo."

23 Ngakho sikholwa ukuthi umkhuleko uyisikhali esinamandla kakhulu esake sabekwa ekunakekeleni isidalwa esingumuntu. Niyazi, umkhuleko ngesinye isikhathi waguqula umqondo kaNkulunkulu. Benikwazi lokho na? Impela wakwenza. Manje, uHezekiya watshelwa ngu-Isaya umprofethi, ukuthi wayezofela kulowombhede, futhi uHezekiya waphendulela ubuso bakhe odongeni futhi wakhala kamunyu, futhi wacela eNkosini e—eminye iminyaka eyishumi nanhlanu yokuphila.

24 Futhi uNkulunkulu wathumela umprofethi emuva ngqo, wathi, "Ngimzwile." Futhi wayekwa isikhathi, niyabo, ngenkathi uNkulunkulu wayesevele ememezele ukufa kwakhe. Kodwa Wamyeka, ngenxa yokuthi wakhuleka. Ngakho uma umkhuleko unamandla *kangako*, ungenzani na? He, asiqondi ukuthi kukhulu kangakanani.

25 Manje, sonke isikhathi emhlanganweni, njengoba ubusuku

ngabunye sizama ukubeka phansi isisekelo, khona-ke lapho omunye engena, mhlawumbe kamuvanyana, mhlawumbe kusasa ebusuku, bese-ke mhlawumbe ubusuku obulandelayo, abanye abafikayo bayangena, bangahle babone into ethize eyenzekayo ukuthi bazothi, "Awu, angiqondi nje," khona-ke uma bengakwenzi, khona-ke thatha imiBhalo futhi ubakhombise ngaWo.

26 Manje, uma uke wabona noma yisiphi isenzo lapha emsamo, kumbe noma yini engiyikhuluma emsamo lapha ongesiwo umBhalo uqobo, khona-ke ubophezelekile kimi, njengomKristu, ukuba unginakise khona. Ngoba ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu wenza izinto ezingalotshiwe eZwini, ngikholwa ukuthi Ubengakwenza. Wayengenza noma yini Ayefisa ukuyenza, UnguNkulunkulu. Kodwa inqobo nje uma Enza lokho Athembise ukukwenza lokho kuyongenela, nje—nje gcina isithembiso saKhe, ngi—ngiyakuthanda lokho. Futhi ngiyakholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu liyisiSekelo, ngikholwa ukuthi LiyiZwi likaNkulunkulu. Futhi ngukuma kwami, impilo yami, nakho konke ukukholwa kwami kusekeleke eZwini.

27 Futhi nansi indlela engifuna nikukholwe ngayo manje: Ukuthi uNkulunkulu a—akanasiphelo, Ungosezindaweni zonke, owazi konke, futhi UnguNkulunkulu uSomandla, Unguye izolo, namuhla, naphakade, Angeguquke futhi abe nguNkulunkulu. Futhi noma yini uNkulunkulu ayenzayo kanye, enza isinqumo saKhe, lesosinqumo sizofanele sihlale kuze kube phakade, asisoze saguqulwa. UNkulunkulu, uma uNkulunkulu enza isinqumo kulonyaka, futhi ngonyaka ozayo Uyakuguqula lokho, lokho kukhombisa ukuthi Wayengesuye uNkulunkulu, ngoba Ungongenasiphelo, futhi thina singabanesiphelo.

28 Manje, singenza isinqumo, ngingenza esisodwa kulobubusuku, emizuzwini eyishumi ngifanele ngisiguqule, ngoba ngi—nginephutha kaningi, izikhathi eziningi kakhulu, nawe unalo, futhi, kodwa hhayi uNkulunkulu. Ngakho uma Eke enze isinqumo, khona-ke lokho kufanele kube yisinqumo saKhe kuze kube phakade.

29 Njengalokhu: Uma umuntu eke weza kuNkulunkulu futhi wazi ukuthi wayelahlekile futhi wayefuna ukusindiswa, futhi uNkulunkulu wambuza, futhi wabeka isisekelo phezu kokuthi *uma wayezokukholwa yini*, futhi Wamsindisa lowomuntu, kufika umuntu olandelayo ofuna insindiso, Uzofanele enze okufanayo nga*le*ndoda Ayenza ngaleyonkathi. Uzofanele enze ngokufanayo *lapha* njengoba Enza *lapho*, kungenjalo Wenza ngokungesikho endaweni yokuqala. Niyabo? Uzofanele ahlale enguNkulunkulu. OkwaKhe. . .Futhi uma *Leli* kungesilo iZwi laKhe, khona-ke Akasuye uNkulunkulu, niyabo, ngoba, *Yilokhu* Akusho, futhi uma Engaligcini iZwi laKhe, khona-ke Angeke abe neZwi laKhe.

30 Akekho umuntu obaluleke ukwedlula izwi lakhe. Uma okwami—uma okwami ukuxhawula, nesithembiso sami kubazalwane bami singenele, ukuthi ngifanele ngisayine inqwaba yamaphepha, nenqwaba ya*lokhu*, *lokho* lokho—lokho kungukungathembani. Ngi—ngivele nje, ufanele ungithathe ngalokho engikutshela khona, futhi ngifanele ngikuthathe ngalokho ongitshela khona. Futhi uma—futhi uma singenakuthembana, khona-ke uma izwi lami lingalungile, khona-ke angilungile.

31 Futhi uma iZwi likaNkulunkulu lingalungile, khona-ke Akalungile, Akangcono kuneZwi laKhe. Futhi ngizosho lokhu, ukuthi uNkulunkulu ugcina lonke iZwi Alisho naso sonke isithembiso Asisho. Futhi uma uzothatha isimo sengqondo esifanele ngakunoma yisiphi isithembiso sobuNkulunkulu uNkulunkulu ake asenza, Uyosifeza. Uma nje ungathatha isimo sokuziphatha esifanele, futhi—futhi ukukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Niyabo?

32 Umuntu ngamunye, akusikho ukuthi ufanele ube nomuntu othize ukuba abeke izandla phezu kwakho ngomuzwa othize. O, he, kunamadlingozi amaningi kakhulu namhlanje, bekungeke kwalunga. Kodwa iZwi likaNkulunkulu lisalokhu liqinisile. Niyabo? Kunjalo. Amadlingozi enginawo, angazi lutho ngawo, kodwa ngiyazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu liqinisile. Ngakho, ngakho-ke lapho uNkulunkulu esho noma yini, kufanele njalo kuhlale kungaleyondlela, futhi yileyondlela engikukholwa ngayo. Ngikufundisisile, nomlando, nalokho Akusho, futhi, kuyokwenzeka futhi kuyo yonke iminyaka, nemiNyaka yeBandla, nokunye nokunye, futhi ngikubone kuhlangana okwesisila sejuba ndawonye, ngize ngeneliseke ukuthi UnguNkulunkulu, nalo lonke iZwi liqinisile, futhi Ugcina iZwi laKhe nabantu baKhe.

33 Manje, indlela esenza ngayo kusihlwa, cishe ihora ngaphambi kokuba izinkonzo ziqale, ukuze kungeke kuphazamise izandulelo, sithumela abafana ezansi bese sinikeza amakhadi omkhuleko omuntu ngamunye. Futhi njalo kusihlwa senza lokho, ngoba kuqala, nansi indlela esakwenza ngayo: Ngenkathi siqala ukuphuma...Awu, manje, kusobala uma nje kunjengalokhu lapha, ngani, besingeke ngisho sinikeze ikhadi lomkhuleko neqembu elincane njengaleli, niyabo. Kodwa lapho sinamaqembu amakhulu...esilindele ukugcwalisa futhi sipakishe indawo kulobububusuku, noma kanjalo.

34 Manje, sisanda kusuka eVandalia, eVisalia, kwakuyi, e-Illin-..., noma, eCalifornia, futhi ngobusuku bokuqala indawo enkulu yokugcina izikhali lapho, baxosha amakhulu namakhulu, futhi ubusuku besibili baphinda kabili kakhulu nakakhulu. Saya ezinkundleni ezinhle, futhi kunabantu abenele lapho, ngelesithathu nqo babefanele bavale amasango, ngaphambi kokuba ngisho ningene ezindaweni, niyabo.

35 Nje, lapho umhlangano uqala, nabantu baqala ukuba, abanezinhliziyo ezilambile baqala ukubona ukuthi. . .Awu, ngu—nguMoya oNgcwele uhamba phakathi kwabantu. Niyabo? Akusuye umshumayeli othize onokuphakeme okuthile, ukukholwa okukhulu kakhulu, angikholelwa kulezozinto. Ngikholwa ukuthi ukukholwa kufika ngokuzwa iZwi likaNkulunkulu, nomuntu ngamunye ufanele aqondise impilo yakhe futhi alungisane noNkulunkulu, uma elindele ukuthola ukuphulukiswa. Lokho. . .ngi—ngikholwa ukuthi ukuphulukisa kuhlala isikhathi eside, kungukuthi umuntu ngamunye uzofanele alungisane noNkulunkulu.

36 Konke lokhu ukubeka izandla phezu kwezoni, futhi uzitshela, "Lokho kulungile, khohlwa yikho nje, uNkulunkulu uzokuphulukisa noma kanjani," manje, angikholelwa kulokho, ngikholwa ukuthi indoda ifanele ihlanzeke, futhi ilungisane noNkulunkulu, futhi iqondiswe, futhi ize, futhi iphilele uNkulunkulu, futhi yenze okulungile, futhi lokho ngukuphulukisa okuhlala njalo. Leminyaka engamashumi amathathu nanye ngiqaphelile ukuthi lokho kuyiqiniso, ukuthi owesilisa noma owesifazane oselungele ukuza ngqo noNkulunkulu, uNkulunkulu uzofika nabo ngqo. Niyabo? Ufanele ulungisane noNkulunkulu.

37 Ngakho manje-ke isizathu sokuba senze lokhu, ngenkathi siqala ukuqala, sasivame ukuthumela abelusi, umelusi ngamunye owayebambisana, amakhadi ayikhulu, awu, okwebandla lakhe nangalabo azobe ebamema abantu abagulayo, kanjalonjalo. Awu khona-ke, mayelana nomelusi wokuqala, abaningi babo uke waba semihlanganweni ngaphambili, kusobala, ngiqagele, awu, cishe umelusi wokuqala waphakamisa iqembu lakhe, lokho kwakuxazulula, ngakho asikwazanga ukukwenza ngaleyondlela.

38 Ngakho manje-ke sacabanga, awu, sasizovele sikhiphe amakhadi omkhuleko ngosuku lokuqala sasilapho, futhi sinikeze wonke umuntu amakhadi omkhuleko. Kwase kuthi-ke, kusobala, lokho kwakuxazulula, noma ubani uyafika, ngenye indlela kunosuku lokuqala, ngani, khona-ke abalitholanga ithuba, bangena emgqeni womkhuleko, ngoba besinokwenele lapho ukuba kuhlale isikhathi eside.

39 Ngakho manje-ke sahamba ukuyonikeza amakhadi omkhuleko usuku ngalunye. Bese kuthi-ke, lapho sisukuma, mhlawumbe, ishumi nanhlanu noma amashumi amabili, noma yini esayingenisa ngalobobusuku, awu khona-ke, emsamo nje walokho esingakuthola lapho, khona-ke sithola abantu, uma bengayitholi inombolo ethize, noma ikhadi kuze kufike eshumini nanhlanu noma amashumi amabili, babevele nje balilahle kwiphansi, babengalifuni, babengeke babizwe.

40 Ngakho-ke ngase ngicabanga, awu, ngizothola umntwana

omncane ngaphambili lapha ukuba ngimvumele enyukele lapha futhi abale, omunye umfanyana, njengalomfana omncane ongibukayo lapha efake uthayi obomvu, ijazi lezemidlalo, futhi mina, cishe alingane noJoseph wami omncane *laphaya*, futhi ngi—ngangithola omunye walabobafo abancane ukuba akhuphuke, futhi ngiyothi, "Ungabala, Sonny, noma Dadewethu na?"

"Yebo."

41 "Bala." Futhi wayeqala ukubala, noma yena owesifazane, futhi noma yikuphi lapho ababema khona, ngangiqala khona lapho. Uyakukholwa noma qha, umama wayazi impela nje ukuthi uzotshela uJunior ukuba ame kuphi ngekhadi lakhe, ngakho-ke sisenezidalwa ezingabantu, niyazi, sibhekana nazo.

42 Futhi ngakho manje-ke—manje-ke nginomfundisi oyedwa engifanele nginikeze amakhadi, bese kuthi-ke, enhlanganweni yakhe, uma engakhombisanga nje umusa kancanyana, kwaqala umuzwa othize kubazalwane.

43 Ngase ngithola umfowethu ukuba akhiphe amakhadi omkhuleko, noma, ngaphambi kwalokho ngathola enye indoda, nje yacosha ongaphandle, futhi ngambamba ethengisa amakhadi omkhuleko, ngakho-ke ngadingeka ngikususe lokho.

44 Ngakho ngahamba nomfowethu, futhi u. . .Futhi ngakho, manje nginendodana yami, bese kuba ngabafana ababili, omunye wabo ungomunye wabahambisana nami, uMfowethu Gene Goad, ngiqagele wethuliwe, noMfowethu Leo Mercier, ulapha ndawondawo, nendodana yami, uBilly Paul, balapha ndawondawo, omunye walabo uzobe enikezela ngamakhadi omkhuleko. Ngokwejwayelekile uBilly uyazenzela, ngoba uLeo noGene, uGene uma emshinini wokuqopha, no—noMfowethu Leo, ngiyacabanga, usezincwadini.

45 Manje, bese-ke sikhipha lawo, futhi manje nansi indlela esikwenza ngayo, ukuze ngamunye azi, sehlela lapha futhi sithathe amakhadi, futhi sehle phambi kwabantu, futhi siwaxubanise onke, khona phezulu lapha emsamo, ngakho niyawabona amakhadi axovekile. Ngakho-ke i, noma ngabe ubani owakhiphayo, akazi ukuthi ubani anik-. . . ubani othola unombolo bani. Omunye wenu azungeze, futhi athi, "Nginenombolo yokuqala, lokho kusho *khona*. Yebo, mnumzane." Olandelayo, uthi, "Ngingowesibili, ngapha." Awu, kusobala, *lokhu* kungahle kuthole oyedwa, eduze kwabo, kungahle kuthole amashumi amane-nanhlanu, amashumi ayisithupha-nambili, kanjalonjalo, awazi ukuthi kuyoba kuphi.

46 Awu, manje-ke, niyabo, wena uthi, "Awu, ngi. . .Awu, uma ngingalitholanga elokuqala kuya kweleshumi nanhlanu, ngingahle ngiye ekhaya." Qhabo, qhabo akusikho lokho. Niyabo? Akekho owaziyo khona-ke lapho ngehla, noma yikuphi lapho uMoya oNgcwele engiholela khona ukuba ngiqale, mhlawumbe

kusukela kwelokuqala kuya kwelamashumi amabili, noma kusukela emashumini amabili kuya emashumini ayisithupha, noma kusukela emashumini ayisishiyagalolunye kubuyele emashumini amathathu, noma ndawondawo kanjalo.

47 Ngakho khona-ke, kungukuthi nje, sizwa nje, ngaleyondlela, yindlela uMoya oNgcwele onendlela yokukusebenza, niyabo, ukubangenisa. Ngicabanga ukuthi kunjalo impela nje, anicabangi yini bazalwane ukuba nicabange ukuthi yilokho na? Kade ngenza lokho manje okwalokho okwedlule, o, iminyaka emine noma emihlanu, noma eyisithupha, into ethize efana naleyo. Futhi ngakho, masinyane, lapho uthola ikhadi lakho lomkhuleko nokho, bambelela kulo, ngoba uma ungabizwa ngobusuku bokuqala, ekugcineni sizofika kulo ekugcineni.

48 Manje, bese kuthi-ke lawomakhadi omkhuleko sibiza *abaningi kangaka* ubusuku ngabunye. Uma ngi. . .iNkosi ingihola ukuba ngenze indlela. . .Sisanda kuba nempumelelo enkulu kunazo zonke engake ngaba nayo eMelika ngokukwenza ngalendlela, maduze nje.

49 Futhi manje, iqala ngasiphi isikhathi inkonzo yenu enkulu, cishe ligamenxe elesikhombisa na? Ligamenxe elesikhombisa. Kungcono ngibe lapha phakathi kokugamanxa kwelesithupha nelesikhombisa nqo khona-ke, ngiqagele, noma into ethize efana naleyo, noma, ligamenxe elesithupha kuya ligamenxe elesikhombisa. Ungakwenzi kube leyithi kuna. . .Kungcono nize kusenesikhathi ngengingakwenza, ngoba masinya nje lapho amakhadi *amaningi kangaka* ekhishwa, ngani lokho yi—yilokho-ke. Bese-ke uthola, thola abathandiweyo bakho, abangani bakho abagulayo futhi ubehlise, ubalethe ocingweni, kusasa, yehla futhi uthole ikhadi lomkhuleko kusasa—kusasa kusihlwa, phakathi kokugamanxa kwelesithupha nokugamenxa kwelesikhombisa ehholo elikhulu.

Aninazo izinkonzo zantambama ndawo, ngiyacabanga, bazalwane na? Kulungile.

50 Ngezinye izikhathi babanika kanjalo enkonzweni yantambama, abadingi ukuzilulaza ngayo ebusuku, kodwa uma si. . .kwelinye ibandla, noma ndawondawo, kodwa uma bekwenza ngalendlela, kuzolunga. Yehla nje kusasa ntambama, phakathi kokugamanxa kwelesithupha nokugamanxa kwelesikhombisa.

51 Bese kuthi-ke, silindele ukuba nezinkonzo ubusuku ngabunye. Ngizokhuluma ubusuku ngabunye, iNkosi ithanda. Imenenja, akukho muntu, kodwa nje abafana nami siphezulu lapha. Futhi ngakho, si. . .Futhi sizozama, khona-ke, ubusuku ngabunye ukukhulekela abagulayo, sibize izoni e-altare, sisebenze nabazalwane bethu, senze konke esingakwenza, ukwenza lokhu kube ukuqala kwemvuselelo, imvuselelo eyifeshini endala ezozamazamisa eVirginia ukuthi,

sengathi akukaze kwenziwe ngaphambilini, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Onke amabandla ukuba agcwaliswe futhi apakishwe, nezinceku zikaNkulunkulu zishumayela iVangeli kunanini ngaphambilini, nezoni ziza eKalvari, nabantu abagulayo bephulukiswa kuwo onke amabandla, nenkazimulo kaNkulunkulu iya ndawo zonke, leso yisifiso sezinhliziyo zethu.

Manje, ngiyajabula nginaleliwashi lasodongweni elincane *ngapha*, futhi ngethemba ukuthi sekuthi nje akube, *li*lungile, ngakho nje, ngokwewashi lami.

Ngakho manje, ngifuna nje ukufunda umBhalo, futhi nginenzele inkulumo encane, kulobubusuku.

52 Futhi manje khumbulani, siphezulu lapha ngalutho olunye. . .Asikho lapha ukumela noma yiliphi ihlelo, ngoba a—angisuye owanoma yiliphi ibandla lehlelo. Ngagcotshwa ukuba ngumfundisi weMissionary Baptisti, futhi ngelusa itabernakele eJeffersonville iminyaka eyishumi nesikhombisa, ngase-ke ngiya ensimini yezithunywa zenkolo cishe eminyakeni eyishumi nanhlanu eyedlula, futhi ngibe sensimini kusukela lapho.

53 Futhi lapho ngiphuma ngikhulekela abagulayo, ngavele ngashiya ibandla, noma ngashiya inhlangano, ngoba phandle lapha ngi—ngithola yonke into, konke ndawonye. Bese kuthi-ke ngi—ngiyezwa ukuthi yileyondlela iNkosi enabantwana baYo, ndawo zonke. Wonke owesilisa ozelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu ungumfowethu, nawo wonke owesifazane ungudadewethu, ozelwe nguMoya kaNkulunkulu.

54 Ngakho angimele noma iyiphi inhlangano ethize. Ukuba bengilapha edolobheni, kwabaphendukile, bengingajoyina elinye lalamabandla amahle lapha elikholwa yinto efanayo engiyikholwayo, ngakho yileyondlela engi—engiyokwenza ngayo mina uqobo; unokukhetha okungokwakho ukwenza noma yini ofisa ukuyenza.

55 Futhi khona-ke asikho lapha ngenxa yemali, ngifuna nazi lokho, asikho lapha ngenxa yemali, qhabo, mnumzane. Ngineminyaka engamashumi amahlanu nanye ubudala, sengibe ngumfundisi iminyaka engamashumi amathathu nanye, futhi ngishumayele iminyaka eyishumi nesikhombisa e, itabernakele leBaptisti eJeffersonville, e-Indiana, angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami yonke. Ngashumayela iminyaka eyishumi nesikhombisa ngingenawo nowodwa upeni wanoma yini, noma yimuphi wabaphatheli ubengakutshela lokho, angizange ngithathe ngisho upeni, ngasebenza ukuze ngiziphilise.

56 Bengingeke ngisho ngikwenze manje, ukuba bengingakwazi ukukhokha lemihlangano. Into kuphela engiyenzayo ngukuphumela lapha futhi ngibambe umhlangano, futhi into kuphela ofanele uyenze ngukukhokha izindleko zesakhiwo,

futhi noma yiziphi izindleko ezihambisana nomhlangano yilokho kuphela engishisekele ngakho. Vele ukhokhele into futhi lokho—lokho kuyakuxazulula, ungangikweleti lutho.

57 Sinezincwadi, kodwa lezozincwadi, ngithenga lezozincwadi zehle ngamaphesenti angamashumi amane, hhayi—hhayi ngoba kuyinto yokwenza imali ngoba ngizolahlekelwa kukho, kodwa ngikhiphele uMlayezo kubantu. Amateyipu avela kwi-Audio Mission, elinye iqembu elingekho nathi. Kungukuthi, awu, benza amateyipu etabernakele, okungukuthi bona ohlobweni oluthize lokubambisana lapho abenza amateyipu ngalo, kodwa ngesingami, qhabo.

58 Ngezinye izikhathi ekupheleni komhlangano, uma zonke izikweletu sezikhokhiwe, banginika umnikelo wothando. Uma bengenazo izikweletu ezikhokhiwe, abanginiki lutho. Futhi uma benginika umnikelo wothando, ngiwubuyisela emuva uku—uku—ukukhokha izikweletu. Sifuna ukushiya lelidolobha singakweleti owodwa upeni, uma sifanele sithumele ekhaya, sithole imali ndawo ndawo, sizokwenza, niyabo, kodwa asishiyi zikweletu, asikaze sibe nazo.

59 Sifuna ukugcina igama lethu lihlanzekile, futhi licacile, futhi ngaphezulu, ngoba sihlangana nabantu abagulayo, sihlangana noSathane ezinkundleni zakhe, futhi si—sifuna ukuba nezandla zethu zihlanzekile, ukuthi lapho siza ukuzokhulekela abagulayo, ukuthi sizothembeka, futhi nje, futhi akukho lutho olunokungathembeki. Simi ngqo phambi kukaNkulunkulu njengezinceku zaKhe, futhi sifuna ukugcina nje kulungile, futhi kuhlanzekile, futhi kucacile kuwo wonke umuntu. Futhi ngifuna nazi-ke ukuthi akukho-kudonsa imali futhi akukho lutho ngalokho, a—asikho lapha ngalokho. Futhi siyanithanda nje, futhi siza sizohlanganyela nani.

Futhi njengoba uMfowethu Bosworth washo kimi ngelinye ilanga, wathi, "Mfowethu Branham, uyazi ukuthi iyini *inhlanganyelo* na?"

Ngathi, "Ngicabanga kanjalo, Dokotela." Ngathi, "Ngicabanga ukuthi ngi . . . "

"Awu," wathi, "nakhu okuyikho: Nga*bafo* ababili e*mkhunjini* owodwa."

60 Futhi ngathi, "Lokho nje kuthi aku. . .?. . .abafo ababili emkhunjini owodwa." Ngakho siyakufisa lokho, uma singangena esikebheni sakho esincane, futhi ungangena esikebheni sethu singaba nenhlanganyelo omunye nomunye, ngenkathi sisadoba ngenetha ukunqamula kulelidolobha lapha ukudonsa wonke umphefumulo olahlekile esingawufaka eMbusweni kaNkulunkulu.

Asikhothamise amakhanda ethu manje, ngaphambi kokuba sikhulume kuMqalisi, ngaphambi kokuba sifunde iZwi laKhe.

61 Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga, kulobubusuku, ngalenhlanhla yokuma okokuqala kulesisifundazwe esikhulu saseVirginia, ukuthi kanjani ukuthi eminyakeni eminingi eyedlule okhokho bethu behlela lapha, lesisifunda esikhulu sisho lukhulu eNhlanganweni yethu. Nkosi, ngikhulekela ukuthi, ngandlela thize, ukuthi kulesi sifunda esikhulu manje, ukuthi Uzokhipha imvuselelo eyo, iyokwaziwa umhlaba jikelele.

62 Kwangathi kungavela udaba oluvela kuNkulunkulu, uMoya ovuthayo kaMoya oNgcwele ozosindisa abalahlekile, futhi uphulukise abagulayo, wenze izimpumputhe zibone, izinyonga zihambe, izithulu zizwe, izimungulu zikhulume, izoni zisindiswe eMbusweni kaNkulunkulu, lonke ibandla nje likhanyiswe ngoBukhona baKho, kuze kuthi emhlabeni jikelele bazozwa kulomhlangano omkhulu. Manje, singakucela, Nkosi, futhi sikukholwe, manje sisize ukuba sisebenzele lokho kuphela. Ngokuba kuyobe kungenasidingo kakhulu ukuKucela noma yini futhi nginga—ngingayisebenzeli, ngikholwe ukuthi U—ukuthi Uzokwenza. Sizolinda ngokulindela ukuthi Uzosipha khona.

63 Futhi lapho izinkonzo sezivaliwe ngeSonto elizayo ntambama, kwangathi kungabakhona inqwaba yezihlalo ezinamasondo zibekwe ekhoneni lapha, imibhede eyizinhlaka, izinhlaka, kwangathi kungabakhona izoni ezigezwe eGazini leWundlu nezandla zazo ziphakeme emoyeni, zidumisa uNkulunkulu. Kwangathi abefundisi basesontweni, abelusi bezimvu baKho abayigugu, abondla izimvu zaKho, kwangathi izinhliziyo zabo zingavutha kakhulu ukuthi njengenkonzo entsha banikezwe yona. Siphe khona, Nkosi. Busisa onke amabandla nawo wonke umfundisi ezweni lonke, wonke ongcwele, futhi usindise isoni.

64 Njengoba sisondela eZwini laKho manje, okwesisekelo esincane nje ukuqala umhlangano kuso, kulobubusuku, sikhulekela ukuthi UzoLibusisa. Siyazi ukuthi amazwi ethu ayohluleka, kodwa amaZwi aKho angehluleke, ngakho njengoba sifunda iZwi laKho, sikhulekela ukuthi UzoLihumusha kithi ngoMoya oNgcwele. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu, ngenxa yaKhe. Amen.

65 Manje, ningakhohlwa manje, ngena ocingweni, ndawondawo, ukhiphe abantu abagulayo, labo abadinga ngempela, namakhadi omkhuleko azonikezwa. Manje, u—ufanele uthole ikhadi lomkhuleko, lizoba nenombolo kulo, uhlamvu nenombolo.

66 Njalo kusihlwa lawomakhadi omkhuleko azokhishwa, futhi, kusukela ligamenxe elesithupha kuze kugamanxe elesikhombisa, bese kuthi-ke, bayobizwa ngalezozinombolo. Lokho okokugcina abantu bangajahi ukwenyuka, futhi akusiyo inkundla yezemidlalo, niyazi, yi—yindlu yokukhonzela, futhi kufanele kwenziwe ngokuhlelekile, futhi njengoba uPawulu

athi, "Ngokuhloniphekile nangokuhlelekile." Futhi ngakho, sifuna nje ukuba beze njengoba izinombolo zabo zibizwa, futhi bakhonze emsamo.

67 Manje, lamakhadi omkhuleko awashintsheki, ufanele unakekele ikhadi lakho uqobo. Ungeke ulithathe, ulinike umakhelwane, ungenise umakhelwane, umakhelwane ufanele eze futhi ezwe isiyalo ukuze athole ikhadi. Uma. . .Isizathu izikhathi eziningi ngaleyondlela, uma uletha abantu emgqeni womkhuleko ongazi lutho ngoNkulunkulu, futhi nakho lapho usukhona futhi, uyabo. Futhi—futhi ngakho mabeze futhi bezwe iziyalo, futhi babe nokukholwa okungokwabo kwakhelwe kuze kufike endaweni yokwamukela ukuphulukiswa kwabo njengoba sikhulekela abagulayo. Lokho kuzoba kusasa ntambama, manje, phakathi kokugamanxa kwelesithupha nokugamanxa kwelesikhombisa.

68 Ngifisa ukufunda kuLuka oNgcwele isahluko 2, amavesi 25 nelama 26:

> *Futhi, bheka, kwakukhona umuntu eJerusalema, igama lakhe linguSimeyoni; . . .yena. . .wayelungile futhi emesaba, elindele induduzo ka-Israyeli: noMoya oNgcwele wayephezu kwakhe.*
>
> *Wayembuliwe nguMoya oNgcwele, ukuthi akayikubona ukufa, engakamboni uKristu weNkosi.*

69 Ngingathanda ukusebenzisela ingqikithi, noma, okwendikimba lapho ukwakha ingqikithi kuyo, *Ukulindela*. Manje, imihlangano enjalo idonsa amathemba. Futhi—futhi lapho ubona into ethize engavamile eyenzekayo. . . Ngokwejwayelekile sinezigaba ezintathu zabantu abethamela lezozinkonzo, njengoba kwakunjalo ezinsukwini zeNkosi yethu, futhi ngazo zonke izikhathi, nango ongakholwayo, umzensizi, nekholwa. Kuheha nje lokho kunaka, bekuhlala kunjalo.

70 Kodwa *ukulindela*, leyo yinto enkulu, ukulindela into ethize, ngokuvamile uthola lokho okulindele. Abanye abantu beza emhlanganweni bese bethi, "Awu, angi—angizange ngilindele ukuthola noma yini kukho." Awu, bangeke, kodwa labo abalindele ukuthola okuthile, uNkulunkulu uyobanika ukulindela kwabo, uma bekwenza ngenhlonipho yokuzithoba nangokumesaba uNkulunkulu.

71 Manje, njalo ukuthola into ethize, okokuqala ngukuthola ukuthi ngabe kuyintando kaNkulunkulu noma qha. Bese kuthi-ke uma kuyintando kaNkulunkulu, khona-ke impokophelo yakho kukho, bese kuthi-ke injongo yakho ekukwenzeni, uma kuyintando kaNkulunkulu, nempokophelo yakho ilungile, nenhloso yakho ilungile, kufanele kwenzeke, ayikho nje indlela yokukuvimbela ukuba kwenzeke.

72 Ngakho, kuqala thola intando, uma kuyintando kaNkulunkulu, bese kuthi-ke, yini impokophelo yakho

ekukwenzeni na? Yini...? Uma kuwubugovu, awusoze—awusoze—uyo—awusoze wakwenza, yilokho kuphela. Kuzofanele kuhlanzeke ngempela futhi kucace phambi kukaNkulunkulu, kungenjalo nje ngeke kwenzeke, yilokho kuphela. Kungukuthi, ufanele njalo ukugcine lokho engqondweni yakho, ukuthi kuzofanele kuhlanzeke futhi kucace, ukusika kwakho kufanele kuhlanzeke futhi kucace phambi kukaNkulunkulu, kungenjalo uNkulunkulu akakwazi ukusebenza nawe.

73 Manje, abantu bezikhathi zonke bebehlala njalo, abamuzwile uNkulunkulu...Futhi noma yikuphi lapho uNkulunkulu ekhona, okungaphezu kwemvelo kukhona, ngoba UnguNkulunkulu ongaphezu kwemvelo esebenza izinto ezingaphezu kwemvelo. Uyakukholwa lokho na?

74 Manje, eTestamenteni eLidala babenendlela yokuthola ukuthi ngabe umlayezo wawuqinisile noma qha. Manje, phansi kobupristi bobuLevi babenalokho ababekubiza nge-*Urimi neThumimi*, futhi leso kwakuyisivikelo sesifuba u-Aroni ayenaso lapha, wayenamatshe ezizwe eziyishumi nambili esihlangwini sesifuba. Futhi babekulengisa lokho ekhoneni, noma, isigxobo ethempelini, bese kuthi-ke, ngenkathi umprofethi eprofetha, noma umphuphi washo iphupho lakhe, futhi ngenkathi elisho, uma lokho kuKhanya kuba yisibumbatha seziNkanyiso, njengothingo lwenkosazana lubonisa kuleyo Urimi neThumimi, kwakukhombisa ukuthi okungaphezu kwemvelo kwakulapho, khona-ke lowomprofethi wayekhuluma iqiniso, noma lelophupho lomphuphi laliqinisile.

75 Nokho, akunandaba ukuthi kwakuzwakala kuyiqiniso kanjani, manje kugcineni lokhu engqondweni, akunandaba ukuthi kwakuzwakala kuyiqiniso kanjani, uma leyo Urimi neThumimi ingakwenzanga ukuKhanya okungaphezu kwemvelo, babengenakukwemukela, ngoba kwakungesuye uNkulunkulu. Ngakho lapho ubona noma ubani eshumayela iVangeli ukuthi uNkulunkulu akehli futhi aqinisekise lokho ukuthi kulungile, kushiye kanjalo, ngoba akulungile.

76 UNkulunkulu usalokhu enguNkulunkulu, Uyaphila namhlanje, Uyaphila nje njengoba Wayelokhu enjalo, U—UnguNkulunkulu. Manje, manje, ngenkathi lobobupristi buqedwa, khona-ke sithola ubupristi obusha, futhi manje, kune-Urimi neThumimi entsha—entsha—entsha, lokho futhi, nalobubupristi, nalelo yiZwi likaNkulunkulu; IZwi likaNkulunkulu liyi-Urimi neThumimi kaNkulunkulu. Manje-ke uma uNkulunkulu ethembisa noma yini eBhayibhelini, futhi ungakwemukela ngenhliziyo yakho yonke futhi ukukholwe ukuthi kunjalo, uzobona okungaphezu kwemvelo kweZwi likaNkulunkulu kwenzeka futhi kubonakalise into oyikholelwe, akunandaba ukuthi kuyini, uma ukukholwa.

77 IZwi likaNkulunkulu liyiMbewu, Lihlwanyelwe enhliziyweni yomuntu, futhi uma kungekho lutho lapho uku—ukuLivimbela, njengokuthi nje, lapho uNkulunkulu enza isinqumo, yisinqumo saKhe esingunqamla-juqu, futhi uma unesinqumo esingunqamla-juqu, nokukaNkulunkulu kuyafana nje, lapho lezo zombili zihlangana ndawonye, into ethize izofanele yenzeke, akukwazi nje ukuvimbela ukuba kwenzeke. Niyabo? Lapho isinqumo sakho esingunqamla-juqu sifana nesikaNkulunkulu, khona-ke kufanele kwenzeke okuthile.

78 UNkulunkulu wenza isitatimende, kufanele kube yilokho, khona-ke lapho uthatha isinqumo sakho sokuma ukuthi lokho kuyiqiniso, okuthile kufanele kwenzeke, kungukuthi nje, kufanele. Futhi amadoda kuyo yonke iminyaka lapho ezwe iPhimbo likaNkulunkulu likhuluma kuwo, a—abone okungaphezu kwemvelo, futhi bebelindele futhi baphila impilo yabo belindele lokhu ukuba kwenzeke futhi akukaze kwehluleke.

79 U-Abrahama wayelindele leyongane ukuba ifike, ngisho kwehle kwaze kwaba yiminyaka engamashumi amabili-nanhlanu emva kokuba kwakuthenjisiwe kuye, wayesalokhu ekulindele, ngokufanayo nje ngenkathi eseneminyaka eyikhulu ubudala, njengoba enza ngenkathi isithembiso senziwa enamashumi ayisikhombisa-nanhlanu. NeBhayibheli lasho ukuthi akazange abe buthakathaka, kodwa waya ngokuqina ngaso sonke isikhathi, ekholwa ukuthi uNkulunkulu wayezokwenza.

80 Ungathini nje ikhehla manje, iminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, no—owesifazane onamashumi ayisithupha-nanhlanu, owesifazane wayeyinyumba futhi owesilisa wayengazali, futhi nampa baphuma manje, wayezokwehlela kudokotela esibhedlela ukuba enze amalungiselelo ombhede, bazoba nengane na? Yebo, owesifazane oneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala nendoda enamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala. Wayezothini udokotela na? "Izithandani ezindala ezimpofu zithe ukuphambana kancane ekhanda lazo."

81 Awu manje, noma ubani ngempela othatha iZwi likaNkulunkulu ngoba linjalo uthathwa ngokuthi uphambene kancane ekhanda, ngoba i, Kungaphezu kwemvelo kakhulu izwe lemvelo alazi lutho ngaKho, ba . . . Kungubuwula emqondweni wenyama, ngakho awusoze waKuqonda.

82 Kodwa u-Abrahama wakukholwa, wathi, "Kuyiqiniso," futhi wakholwa ukuthi kwakuyikho. Manje ngiyamuzwa njengoba ubengasho kuSara, "Manje sizoba nalengane, S'thandwa. Sekuxazululiwe, ngoba uNkulunkulu washo njalo."

83 Wathenga indwangu emagqabhagqabha, nophini, futhi walungisa yonke into, wenza amabhuzu, futhi wayeselungele

wonke. Futhi emva kwezinsuku zokuqala *eziningi kangaka*, izinsuku ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili, "Uzizwa unjani, S'thandwa na?"

"Akukho kwehluka, S'thandwa."

"Akabongwe uNkulunkulu, sizoba nayo noma kanjani."

84 Inyanga yokuqala yedlula, akukho-mehluko, inyanga yesibili, unyaka wokuqala, unyaka wesibili, "Uzizwa unjani, S'thandwa na?"

"Akukho kwehluka."

"Udumo kuNkulunkulu, kuzoba yisimangaliso esikhulu kunanoma kwakunjalo eminyakeni emibili edlule, sekukudala ngeminyaka emibili manje."

85 Futhi lapho sekudlule iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, wayesalokhu enesimo sokuziphatha esifanayo, ngokufanayo nje, ngoba uNkulunkulu washo njalo.

"Wazi kanjani na?"

86 "UNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula. Uma uNkulunkulu asho njalo, lokho, akusekho okuzoshiwo ngakho, niyabo, Washo njalo." Futhi eneminyaka eyikhulu ubudala wayesalokhu emkholwa uNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu wayezokwenza.

87 IBhayibheli lasho kumaHeberu 4 ukuthi u-Abrahama akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo. Futhi sifanele ukuba yiNzalo ka-Abrahama, "Ngokuba thina esifile kuKristu siyiNzalo ka-Abrahama." Ngabe kunjalo na? UMoya oNgcwele usenza sibe yiNzalo ka-Abrahama. U-Abrahama wayengesilo iJuda, u-Abrahama wayengoweZizwe, kodwa kwakungesilo iJuda noma oweZizwe, kwakungukukholwa kwakhe eZwini likaNkulunkulu okwakuyikho okwamenza ukuba abe—abe yindlalifa yesithembiso. Futhi thina sifile kuKristu siyiNzalo ka-Abrahama, futhi siyizindlalifa kanye naYe, ngokwesithembiso.

88 Ngiyanitshela ukuthi lokho kuyiqiniso esiyikho, kodwa ngezinye izikhathi asenzi njengakho. Ngezinye izikhathi siyahamba bese sithi, "Awu, ngizohamba futhi ngikhulekelwe, futhi ngizobona ukuthi kwenzekani. Awu, angizizwa ngihlukile kancane." INzalo ka-Abrahama na? O, he! Lokho yizaba ezimbi zalokho, ngisho nelunga lebandla, kungasaphathwa ukuba yiNzalo ka-Abrahama. INzalo ka-Abrahama ayibuki izimo, Ibuka iZwi likaNkulunkulu, yilokho kuphela.

89 Lapha esikhathini esithize esedlule ngabizelwa eceleni kombhede, cishe eminyakeni eyishumi edlule, ku, awu, sekube cishe yiminyaka eyishumi nambili eyedlule manje, kumfana ofayo, ebulawa yisifo sohudo esimnyama. Nodokotela

akangivumelanga ukuba ngingene, wathi, “Angikwazi ukukuvumela ungene, uyindoda eganiwe.”

90 Futhi udokotela wayeyiKatolika, qobo lwakhe, ngase ngithi, “Manje, uma umpristi efikile, nalomfana ubefa phakathi lapha, futhi bewazi futhi wathi ubezofa kulobubusuku, futhi wena . . . ubungamvumela lowompristi angene na?”

Wathi, “Impela.”

“Umnika ukusho imikhuba yokugcina na?”

“Yebo, mnumzane.”

Futhi nga—ngangazi ukuthi wayezokwenza, imuva lami liyiKatolika, futhi, ngakho ngathi . . . Nga—nga—ngangazi ukuthi wayezokwenza lokho. Ngathi, “Awu, manje . . . ”

Wathi, “Yebo, kodwa a—akasiyo indoda eganiwe, unabantwana, ubungathwala lokhu ukuyise kubantwana, unabantwana abancane ababili.”

Ngathi, “Yebo, mnumzane, yiqiniso lelo.” Kodwa ngathi, “Ukukholwa kwami kuNkulunkulu . . . ”

Wathi, “*A*, *e*, phuma.” Niyabo?

91 Futhi ngathi, “Awu manje, buka, lokho . . . Ngi—ngifana kakhulu impela nalowomfana phakathi lapho, ngokwalobaba nomama abami lapha, njengoba umpristi ubeyoba njalo kuwe ukuba ubufa kanjalo,” niyabo, ngathi, “kanjalo nje. Ukukholwa kwethu kubheka kuNkulunkulu ngendlela efanayo nje.”

92 Ekugcineni, wangigqokisa njengeKu Klux, futhi wangivumela ukuba ngingene. Ngakho nga—ngangena ukuyokhulekela umfana, nomfana wayelapho, nomhlengikazi omncane wahamba nathi, ubaba omdala nomama baguqa ngaphesheya kombhede. Babenaye, edonsa owakhe, umoya emuva naphambili kuye, nokuphefumula kokwenziwa. Base bethi, ba . . .

93 Ngaguqa phansi ngase ngikhuleka, ojwayelekile nje, umkhuleko omncane, ngabeka izandla phezu komfana, ngathi, “Manje, Nkosi, Wethembisa ukuthi Uyokwenza lokhu, lobaba nomama uyakukholwa lokhu, ngakho ngibeka izandla zami phezu komfana, futhi Wathi lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo bayakusinda, ngakho-ke, Nkosi, enhliziyweni yami ngiyakholwa ukuthi Uyaligcina iZwi laKho, futhi kanjalo nalobaba nomama. Kufeziwe, Baba. NgiyaKubonga.” Wasukuma.

94 Nobabayi omdala wadumela umama, nomama wadumela ubabayi futhi baqala ukugonana, futhi nje bakhala, wathi, “Akumangalisi, S’thandwa na? Akumangalisi na?” Futhi umfana akazange enze umnyakazo, wayekade equlekile izinsuku ezimbili noma ezintathu. Futhi wathi, “O, akumangalisi na?”

95 Ngase ngithi, "INkosi inibusise nonke," ngase ngiqala ukuphuma. Omncane...Futhi ngaqhubeka ngaphuma, futhi ba un-...besusa konke lokho kimi phandle lapho ukuze ngikwazi ukuqhubeka.

96 Ngakho manje-ke, umhlengikazi omncane uyenyuka, wathi, "Mnumzane," wathi, "angiqondi nje," wayeyintombazane nje, wathi, "angiqondi. Niyabo," uhlobo oluthize lomshini okala ukushaya kwenhliziyo, into ethize e...wathi, "uma lokho kuke kwehlele endaweni ethize," wathi, "wonke umlando, awukaze waziwe ukuthi uyoke uvuke futhi," futhi wathi, "into kuphela ngukugcina lowomfana lapha; uba buthakathaka ngaso sonke isikhathi," wathi, "uyafa nje—eyafa nje khona manje." Futhi wathi, "Ngenkathi yena, leyondoda yenza lowomkhuleko waleyongane, noma, lowomfana," wathi, cishe uneminyaka eyishumi nambili ubudala, ishumi nane, wathi, "Wena..." Wathi, "Akuyiguqulanga nakancane," wathi, "akakaguquki nakancu." Futhi wathi, "Leyonalithi isalenga khona phansi lapha," wathi, "injengoba ibinjalo nje." Futhi wathi, "Awusoze wakhuphuka, ngoba uphansi, futhi yilokho kuphela."

97 Futhi umnumzane ohloniphekile omdala, niyazi, onjengobaba, wagaxa umhlengikazi omncane, wayesethi, "O, mntwana wami oligugu." Wathi, "INkosi ikubusise, s'thandwa." Wathi, "Angifuni ukuhlekisa ngawe, ngoba...futhi ngeke ngaphikisana nalokho okushoyo," wathi, "kodwa, uyabo," wathi, "uqeqeshelwe ukuba ukholwe ukuthi lapho leyonalithi, noma isandla, kumbe noma ngabe kuyini okwehlela lapho, ukuthi ngeke kuphinde kubuye futhi."

98 Wathi, "Mnumzane, lelo yiqiniso," wathi, "ku—kungeke kubuye futhi." Wathi, "Umfana akasekho." Wathi, "Uselapha nje kancane." Futhi wathi, "Yena, susa lokhu kuye, ubengafa khona manje."

Wathi, "S'thandwa," wathi, "Ubheke kuleyonalithi."

Wathi, "Impela."

Wa—wayesanda kumbuza nje, wathi, "Ungahleka kanjani futhi uqhubeke kanjalo, nomfana wakho efa na?"

Wathi, "Akafi," wathi, "uphulukisiwe."

Futhi wathi, "Awu, ungakulindela kanjani lokho naleyonalithi...?"

Wathi, "S'thandwa, yilokho kuphela okwazi ukukubuka, yileyonalithi, kodwa ngibuka isithembiso," kunjalo, "uNkulunkulu asenza."

99 Nalowomfana unabantwana ababili, futhi use-Afrika namhlanje, isithunywa senkolo. O, kuya ngokuthi ubhekani... Wayeku*lindele* ukuba kwenzeke, ngoba wayehlangabezane nezidingakalo zikaNkulunkulu, niyabo. Wabeka umfana e-altare, wayenakho, isayense yezokwelapha yayenze

konke ababengakwenza, yonke into yase yedlule noma yiluphi usizo lomzimba olwalunganikezwa umfana, ngakho uza kuNkulunkulu futhi wakholwa ukuthi uNkulunkulu wayezomenza. . . NeBhayibheli lathi, "Ungumvuzi walabo abaMfunisisayo." Kunjalo.

100 Mfune ngenhliziyo yakho yonke futhi wehlele emsebenzini, uNkulunkulu uzoba lapho ukuba ahlangane nawe. Kunjalo. Kodwa awufanele nje uthi nje ukwedlula, ufanele uze ngqo kuNkulunkulu, futhi uvume yonke into, bese ukwendlala, futhi uze kulezozinkundla, noNkulunkulu uzohlangana nawe lapho, futhi Uzokwenzela okuthile, Uzophendula imikhuleko yakho.

101 Wonke umuntu owake wakholwa kuNkulunkulu, noma wezwa iPhimbo likaNkulunkulu, waMlindela ukuba enze okuthize. Ngenkathi uNkulunkulu ekhuluma kuNowa eTestamenteni eLidala, manje, kwakungakaze kube nemvula emhlabeni. Kungani kukhona. . . UNkulunkulu wanisela umhlaba wedlula, ngaphambi kokubhujiswa komhlaba ngamanzi, ngani, Walinisela ngokunisela ngenkasa, phezulu emhlabeni wonke, lalingakaze line.

102 Futhi uNkulunkulu wakhuluma ku—kuNowa futhi wamtshela ukuba alungise umkhumbi wokusindisa indlu yakhe, ukuthi lalizokuna, imvula yayizophuma ezibhakabhakeni, nomhlaba wonke wawuzombozwa ngamanzi, futhi uNowa wayelindele lokho ukuba kwenzeke. Ukuba wayengakulindelanga, umgxeki wokuqala uyafika, wayeyothi, "Awu, ngiqagele mhlawumbe benginephutha, bekungesuye uNkulunkulu." Niyabo? Ngakho wayeyohamba.

103 Manje, lokho kuthi akube yindlela inguquko ka 1961 yebandla eyokwenza ngayo. Kodwa lokho akusikho ngempela. . . UmKristu wangempela ozelwe ngokusha, lapho uNkulunkulu esho njalo, sikulindele ukuba kube ngaleyondlela, UNkulunkulu wakusho, futhi yileyondlela okuzoba ngayo, kufanele nje kube ngaleyondlela.

104 Wathi. . . Niyazi, kungani siyilokho, kungani siyindlela esiyiyo namhlanje, ukuthi ibandla lisivivi kanjani kuloNyaka weBandla laseLawodikeya na? Ngani, kungukuthi, uNkulunkulu wathi kuyoba ngaleyondlela, ungeke walindela lutho olunye, kufanele kube ngaleyondlela, kunjalo. Kodwa Une. . . "Wonke Amthandayo Uyamyala Amsole." Futhi, "Ngimi emnyango ngingqongqotha, futhi uma noma yimuphi umuntu ezwa iPhimbo laMi," leyo yinkulumo kulonyaka webandla, ngoNkulunkulu eBhayibhelini leSambulo isahluko 3 kuya oNyakeni weBandla laseLawodikeya.

105 Manje, siyaqaphela ukuthi uNowa wayenjalo, wazilungiselela umkhumbi, eqhutshwa ukwesaba futhi wenza umkhumbi, wama kulowomnyango eshumayela kwabangakholwayo, kodwa wayelindele uNkulunkulu

ukuba agcine isithembiso saKhe, ngoba wayelizwile iPhimbo likaNkulunkulu limtshela ukuthi lalizokuna.

106 Manje, uma ungahlala khona lapho okhona manje futhi uzinikele *kakhulu* kuNkulunkulu futhi ulindele uNkulunkulu ukuba enze okuthize, uzwe iPhimbo likaNkulunkulu linyenyeza phansi enhliziyweni yakho, "Awudingi ukuba ulinde ikhadi lomkhuleko kusasa ebusuku, *lesi* yisikhathi engizokuphulukisa ngaso," yilokho kuphela, sekuxazululiwe, bekungebebikho lutho olukwazi ukukunyakazisa kulokho.

107 Uma ungakaze wemukele uMoya oNgcwele, futhi uthi, "Nkosi, ngifune uMoya oNgcwele iminyaka, kodwa nje ngizwe iPhimbo lingitshela ukuthi ngizoWuthola, khona impela kulobubusuku," lokho kuyakuxazulula, yilokho—yilokho-ke, uyobe ulindele *kakhulu*, kuzofanele kwenzeke.

108 Manje, uNowa waye, wama lapho egqonqa kulowomkhumbi, ngoba wayelindele ukuthi line.

109 Manje, ake sithathe umzuzwana nje futhi sithole abagxeki beza bese bethi, "Awu, manje umzuzwana nje, mnumzane. Mnu. Nowa, ungitshela ukuthi lizokuna."

"Yebo, mnumzane."

110 "Manje, ngingusosayense." Ababenososayense. Ososayense bafika ngeqembu likaKayini. Ngakho wathi, "Manje, si—singososayense, futhi—futhi sithanda ukuba wena usikhombise ukuthi leyomvula ikuphi phezulu *lapho*."

111 Manje, ukukholwa akusikho lokho ongakubona, kodwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, ubufakazi bezinto ezingabonwayo. UNkulunkulu washo njalo, asidingi ukufakazisa lutho. Ukufakazisa akulutho, ungeke wamfakazisa uNkulunkulu. Awukwazi ngisho ukufakazisa ukuthi unengqondo. Lelo yiqiniso. Ungeke wakwenza. Uma ungivumela ngikubone, ngikunambithe, ngikuzwe, ngikuhogele, noma ngikuzwe. Sewake wayizwa ingqondo yakho, ubone ingqondo yakho, unambithe ingqondo yakho na? Niyabo, imizwa ngeke ikumemezele, kodwa nokho unawo owodwa, uyazi ukuthi unawo.

112 Futhi kungaleyondlela nje ngoNkulunkulu. Wena uthi, "Ngazi kanjani ukuthi nginayo ingqondo na?" Ngiyayibona indlela engenza ngayo. Ngiyazi indlela i*Nto ethize* eyangishintsha ngisuka ekubeni yisoni ngiya ekubeni ngumKristu, nginoNkulunkulu engaziyo ukuthi—lowo o—lowo ungowangempela, ngempela nje njengoba ingqondo yakho injalo, noma—noma—noma yimuphi omunye umuzwa ongasebenza.

113 Manje, qaphelani, kunemizwa emihlanu esingena ngayo emzimbeni womuntu, imizwa emihlanu. Umphefumulo unezikhala ezinhlanu, futhi, okungukuthi, unembeza,

kanjalonjalo, nomcabango, kodwa munye kuphela umngenelo emoyeni (lowo ngumphefumulo, umzimba, nomoya), emoyeni, futhi lokho kusezansi emgudwini wokuzithandela, okubeka wonke owesilisa nawo wonke owesifazane esisekelweni esifanayo esasikuso ensimini yase-Edene.

114 Ufuna ukwenza . . . une . . . Ungonenkululeko yokuzikhethela ukwenza noma ngayiphi indlela ofisa ngayo, futhi akukho namunye waleminye imizwa ohlangene nakho, hhayi umphefumulo noma umzimba, kodwa kungomoya ekuzithandeleni. UNkulunkulu watshela u-Adamu, "Mhla udla kuwo, ngalolosuku uyafa." Manje, wayengadla futhi aphile, noma, wa—wayenga—wayengadla futhi afe, noma aqhele kukho futhi aphile. Yileyondlela efanayo esiyiyo, kulobubusuku, singathatha iZwi laKhe futhi siphulukiswe, noma singalishiya, sisuke kulo, singaphulukiswa. Singaba nokuPhila okuPhakade ngokukholwa kuYe, noma singasuka sihambe futhi singabi nokuPhila okuPhakade, kukuwe, ukuzithandela.

115 Futhi ngenkathi uNowa ezwa iPhimbo likaNkulunkulu limtshela ukuthi lizokuna, namafu ayeza, futhi lizokuna, futhi alikaze likwenze kuyoyonke iminyaka, futhi—futhi, kodwa lizokuna, uNowa wayekwazi lokhu, ukuthi uNkulunkulu wayenguNkulunkulu onguMdali, ukuthi Waye—Wayengenza noma yini Ayefuna ukuyenza, futhi ngakho-ke, Wa—WayenguNkulunkulu futhi kwakungekho lutho olunye kukho, wayazi nje ukuthi—ukuthi Wayekwazi ukwenza imvula phezulu lapho, uma yayingekho phezulu lapho. Ungu*Jehova-Jira*, "iNkosi yazilungiselela umhlatshelo."

116 Ngakho uNkulunkulu angenza imvula, uma kungekho-mafu phezulu lapho, kungekho-mvula phezulu lapho, uma Athi lizokuna, UNowa wathi, "Ngizokwakha nje khona manje kulomkhumbi noma kanjani," ngokuba wayelindele ukuthi line. Futhi ngenkathi esakhe umkhumbi, yonke into yayihlelekile, lana ngoba wayekholwa. Manje, kukwenza uziphathe ngokuhlekisayo lapho u—lapho ngempela uthatha uNkulunkulu eZwini laKhe, futhi lapho wenza sengathi ulindele Lona.

Ngibone abantu beza, emsamo, bethi, "Awu, buka, ngiyagula, ndoda. Anikwazi na?"

"Ngani, impela ngiyazi ukuthi uyagula." Kulungile.

"Awu, kukhona ongakwenza na?"

117 Ngani, awusoze—awusoze wakuthola ngaleyondlela. Qhabo, mnumzane. Futhi uzobakhulekela, ubeke izandla phezu kwabo, basuka emsamo, "Angizwa nakwehluka." Hhe, ungeke, leyo yinto eyodwa eqinisekile, ungeke. Manje, beningalindele lutho.

118 Woza emsamo futhi ulandele iziyalo zikaNkulunkulu ngendlela nje uNkulunkulu asho ngayo, khona-ke uhambe, unokulindela, "Yebo, mnumzane, ngizokwemukela. Sekuvele

kwenziwe! Ngenze lokho uNkulunkulu angitshele ukuba ngikwenze, ngakho lokho kuyakuxazulula." Leyo yi—yileyondlela, leyo yiNzalo ka-Abrahama.

119 Manje, sizothatha omunye: uMose. UMose, o, wayengusiyazi wezenkolo oqeqeshiwe, wayazi ngempela, ngoba wayenga—wayekwazi ukufundisa abaseGibhithe ukuhlakanipha; wayekhaliphe kakhulu. Futhi wayazi ukuthi wazalwa, wakhuliswa ukuba abe ngumkhululi ka-Israyeli, ngakho wacabanga ukuthi wayengathatha ukuqeqeshwa kwakhe kwesayense yezenkolo futhi ngempela aphumele lapho futhi akwenze, kodwa wathola ukuthi wayeyisehluleki.

120 Futhi lapho sizama ukufundisa ibandla ukuba lihlanganyele, lapho sizama ukufundisa abantu kuKristu, sishaya umoya nje, asisoze safika ndawo. Yinye kuphela indlela owesilisa noma owesifazane angeza ngayo kuKristu, lokho kungeGazi likaJesu Kristu ngokuzalwa ngokusha, yilowomgudu kuphela esingahamba ngawo. Lapho ungena kulokho, khona-ke wemukela okwangoqobo, ukukholwa kukaMoya oNgcwele lokho kukwenza ubize noma yini ephambene nesithembiso sikaNkulunkulu sengathi yayingekho lapho.

121 Akunandaba ukuthi izimo sinjani, ukuthi ugula kangakanani, ukuthi udokotela utheni, uyakuyeka, uzobulawa ngumdlavuza, unenkathazo yenhliziyo, ungahle uhambe noma ngamuphi umzuzu, awubuki ngisho nalokho, ubuka ukuthi uNkulunkulu wathini. Hlala khona lapho kulokho uNkulunkulu akusho, lokho, Washo lokho, nalokho kuyakuxazulula ngaso sonke isikhathi. Manje, awukwazi ukukukhohlisa, ufanele ukukholwe ngempela.

122 Uma uthi, "O, yebo, ngiyakukholwa . . ." O, ngibabonile abantu besho lokho, futhi uma ukukholwa bekungu-inki, bebengeke babeke u *i*, bavele nje—nje kalula, bakhathazeke nje, yithemba esikhundleni sokukholwa. Ukukholwa kwangoqobo akuthathi u*qhabo* njengempendulo, ku—kunezinwele esifubeni, kukhulu futhi kukhuluphele, kuyakhuluma nakho konke okunye kuhlale phansi, yilokho kuphela.

Uma omdala, niyazi, imizwa ivuka, ithi, "A—awuzwa mehluko. Wena nje . . ."

Uyothi, "Thula!" Ukukholwa kuyokwenza. "Hlala phansi, uNkulunkulu wengamela." Yilokho-ke. Manje, ngabe i . . .

"Awu, isisu sakho sisalokhu sibuhlungu."

123 "Thula! Angikuzwa ngisho." Yilokho-ke. Lokho yi . . . Unga—ungabi . . . Impela, kungukubheka lokho okwashiwo nguNkulunkulu. UNkulunkulu washo njalo, ngakho ukukholwa kuyakukholwa. Uma nje ungabamba ukukholwa kuwe, lokho . . . vumela nje ukukholwa kwengamele, kwenza konke okunye nje kubukeke njengokufushane okuncane. Kubenza nje bahlale phansi ngoba ungubasi, unemikhulukazi, imisipha eqinile, futhi

ngiyanitshela, yonke enye into yonke imizwa, nezinkolelo-ze, ne*zimfundiso ezigqamileyo* ezincane, nezinto, kuvele kuhlale phansi lapho ukukholwa kwengamela, yena nje, ungubasi. Kunjalo.

124 Manje, futhi ni . . . Kusobala, uMose wacabanga ukuthi wayenalokho. Kodwa ngenkathi ehamba ngendlela engeyakhe futhi wathola ukuthi wenza iphutha, futhi wabuyela emuva futhi washada nowesifazane omuhle, omncane ongumTopiya, wayenendodana emuva lapho, uGereshomu, futhi wayezinze empilweni enhle ekufuyeni izimvu, futhi azi ukuthi wayezoba yindlalifa, kuthi nje uJetiro esefile wayezoba nayo yonke imihlambi qobo lwakhe, futhi ngakho wayenelisekile impela.

125 Kodwa ngolunye usuku wayehamba ebuyela emuva kwingemuva logwadule, kwabakhona into ethize eyenzeka engazange yenzeke ekholiji, kwakukhona into ethize eyenzeka ayengakaze ezwe ngayo ngaphambilini, wabona isihlahla sivutha. Waya eceleni ukuba abone ukuthi kwakuyini, nePhimbo lakhuluma liphuma lapho, lathi, "Khumula izicathulo zakho, Mose, umhlabathi omi kuwo ungcwele." O, he! "Ngikuzwile ukukhala kwabantu baMi, Ngikubonile ukuhlupheka kwabo. Ngiyalikhumbula iZwi laMi, Ngiyakukhumbula engakutshela u-Abrahama, kodwa lokho inzalo yakhe eyayiyogogobala iminyaka engamakhulu amane ezweni labezizwe, lesosikhathi sesiphelile, Ngiyalikhumbula iZwi laMi. Kulungile, Mose, Ngikuthumela ezansi."

126 Ungathini nje indoda eyigwala kakhulu ngangokuthi ibaleka esizweni, wangena enkathazweni ngokubulala umuntu oyedwa futhi wabaleka esizweni, wabuyela phansi ngaphansi kwamandla kaNkulunkulu futhi wabulala sonke isizwe, akazange angene enkathazweni na? Niyabo? Kukhombisa ukuthi ngabe ukwenza entandweni kaNkulunkulu, noma phandle lapho entandweni yakho uqobo. Niyabo? Ongakwenza bese ungena enkathazweni ngawe uqobo, awudedeli ngani nje futhi udedele uNkulunkulu akwenze na? Leyo—leyo yindlela yokukwenza.

127 Ngakho nangu wayekhona ngosuku olulandelayo, ukhuluma ngento ethize enokudlanga, ningambona uMose ngosuku olulandelayo, manje, emva kokuba ngumelusi wezimvu omdala, waye—wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, mhlampe ende, intshebe emhlophe, nekhanda lakhe linempandla, futhi—futhi wayenenduku endala egwegwile esandleni sakhe nomnyuzi, nomkakhe ehlezi ewugxamalazele, nengane enqulwini yakhe, futhi nangu ehla *kanje* eshaya ihupu futhi empongoloza, ehla, "Udumo kuNkulunkulu," ehlela eGibhithe.

"Uyaphi, Mose na?"

"Ngehlela eGibhithe ukuyolidla." Yebo, mnumzane.

"Ini? Ukuhlasela komuntu oyedwa na?"

"Yebo, mnumzane. Kunjalo."

"Ngani na? Wazi kanjani ukuthi uzokwenza na?"

"UNkulunkulu washo njalo." Lokho kwakuxazulula, niyabo. "Ngilizwile iPhimbo laKhe, ngilindele Yena ukuba akwenze." Kunjalo.

128 Wayebukeka eyisithutha. Omunye wathi, "Umfo omdala bandla, ukuhlasela kwendoda eyodwa." Kufana nokuthi, indoda eyodwa iyobhaxabula iRashiya, niyabo. Kodwa wakwenza, ngoba uNkulunkulu washo njalo, futhi wayelindele uNkulunkulu ukuba agcine iZwi laKhe. Amen.

129 Ngilindele uNkulunkulu ukuba agcine iZwi laKhe ngathi. UNkulunkulu uzogcina iZwi laKhe kunoma yimuphi umuntu oyothatha iZwi laKhe futhi athi, "Lingelami. UNkulunkulu wenze isithembiso, futhi ngilindele Wena ukuba usenze. Futhi angithathi u*qhabo* abe yimpendulo, ngimi khona lapha."

130 NjengoBuddy Robinson, ngenkathi elima ngomnyuzi wakhe omdala phandle lapho ngalolosuku, nomnyuzi wabaleka, futhi wawuluma endlebeni, futhi wayezama ukushumayela ukungcweliswa, futhi wathi, "Manje, angisuye, angisiyo yini into ebukeka kahle lapha nezinwele zomnyuzi zonke emazinyweni ami, futhi ngishumayela ukungcweliswa na?"

131 Khona-ke, ngakho wehlela ensimini, wathi, "Nkosi, uma Unganginiki uMoya oNgcwele, lapho Ubuya, Uyothola inqwaba yamathambo ilele khona lapha, lapho Ubuya." Manje, wathola uMoya oNgcwele, ukuze kuthi, isibusiso sesibili wasibiza ngokuthi, ukungcweliswa.

132 Ngakho manje, yileyondlela. Lapho ufinyelelisa lokho kuNkulunkulu, "Yi *lokhu*-ke, *lokhu* kuyakuxazulula. Nkulunkulu, Washo njalo, futhi yilokho kuphela. Odokotela ungenzele konke abangakwenza, futhi ngiludaba olungenathemba ezandleni zomuthi, ngiludaba olungenathemba ezandleni zesibhedlela, Munye kuphela, engiKunike yena qobo lwami, ngisezandleni zaKho manje. Nkulunkulu, ngisezandleni zaKho." Amen. Hlala khona lapho, into ethize izokwenzeka khona-ke.

133 Kukhona okuzokwenzeka. Lapho uzwa leloPhimbo likaNkulunkulu likutshela, "UngowaMi, Ngi—Ngikuphethe, Ngikuthenge ngeGazi laMi, Ngizo . . . ngemivimbo yaMi uphulukisiwe," o, mfowethu, ngiyakutshela, kukhona okulungiselela ukwenzeka lapho wenza lokho.

134 Ya, kuzokwenza . . . O, abantu bazothi, "Ngani, uLucy, uNettie, noma uMartha, uMary, ngani, uyazi balahlekelwe yingqondo yabo. Ngi—ngiyakutshela, benyukela emhlanganweni enhla lapho, futhi wagcotshwa, futhi manje, uyazi, siyazi ubebulawa ngumdlavuza, udokotela uthi akasindi, futhi lapha,

ulaphaya wenza konke ukuwasha kwakhe, ecula nje, 'Haleluya, haleluya,' ehamba ezungeza lapho eqhubeka *kanjalo*. Ngani, owesifazane ompofu useyahlanya!"

135 Qhabo, usethathe uNkulunkulu nje eZwini laKhe. Uziphathisa okohlanya kubantu, kodwa ulalela lokho uNkulunkulu akusho, kunjalo, impela.

136 UMose wakwenza lokho. Nangu ehamba, ungathini nje, lomfo omdala eqhuga ngonyawo olulodwa, nangu ehamba, niyazi, umnyuzi emva kwakhe, "Udumo, haleluya"?

"Uyaphi, Mose na?"

137 "Ngehlela eGibhithe, ngiyolidla." Ehlela ngqo ukuyolidla, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, ehlela ebuthweni eledlula onke elemishini elalikhona ezweni, wayenqobile umhlaba wonke. Ehla, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, enonkosikazi nenganyana, umfana wakhe—wakhe, uGereshomi, mhlawumbe ehlezi enqulwini yakhe, futhi nangu ehlela lapho, ehola lomnyuzi omdala, ehla uku—ukuyolidla, futhi wakwenza. Ya. Kungani na? Wayekulindele ukukwenza. Kungani na? UNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula. Ngenkathi uNkulunkulu esho njalo, lokho kwakuyi . . .

138 UJohane, ngenkathi ephumela lapho, futhi wayemi osebeni lweJordani, emi eshumayela, nabapristi ngapheshe ya kosebe bathi, "Uqonde ukungitshela ukuthi kuyofika usuku lapho umhlatshelo wemihla ngemihla uyosuswa ethempelini, futhi akusayikubakhona omunye umhlatshelo na? Isibopho sesiphelile na?"

Wathi, "Kuyofika usuku lapho kuyoba khona Oyofika, lowo oyoba nguMhlatshelo."

"O, hlakanipha, Mshumayeli! Yini indaba ngawe na? Asiyikubakhona isikhathi esinjengaleso."

139 Futhi waqala ukubuka, wathi, "Bheka," (Amen!) "bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe." Kungani na? WayeMlindele, ngoba wathi, "Lowo owangitshela ehlane ukuba ngiyobhaphathiza ngamanzi, wathi, 'Oyobona uMoya ehla futhi ahlale phezu kwaKhe, NguYe ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo, yiLowo." Wayelindele ukuMbona.

140 Wathi, "NgangiMazi ngoba kwakukhona isibonakaliso sikaMesiya ngaphezu kwaKhe, ukuKhanya ngaphezu kwaKhe, futhi ngazi ukuthi lowo kwakunguMesiya." Futhi wayebheke ukuMbona.

141 O, bandla, besifanele silindele ukubona uNkulunkulu enza okuthize, besifanele silindele ukubona imvuselelo yedolobha lonke, ukuzamazama phakathi kwabantu, impela. Kuthenjiswe thina, siyakukholwa. Kholwa kanye nami, uma sizohlanganisa izinhliziyo zethu ndawonye futhi sikholwe,

kukhona okuzokwenzeka, kuzofanele kwenzeke. Ukulindele, impela.

142 O, besingaqhubeka kanjani, besingaqhubeka kanjani nje nabehlukene, kodwa asifinyelele kuSimeyoni manje, sengivala, imizuzu embalwa elandelayo.

143 USimeyoni, wayeyindoda enkulu. Manje, ngafunda ngaye esikhathini esingeside esedlule, wayekhona ndawondawo kweyakhe, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, isazi esidala, ethandwa kahle phakathi kwabantu, kodwa wayehlale engumuntu kamoya. Futhi ngakho, futhi ngelinye ilanga uyaphuma ethi, "Angizukufa, ngize ngibone uKristu weNkosi." Manje, ungathini nje na?

Wena uthi, "Ukusho kanjani lokho, Simeyoni na? Yini ekwenza usho lokho na? Usuka ekugcineni okujulile. Hlobo luni lwe*mfundiso egqamileyo* ongene kuyo na?"

"Lutho."

"Kungani usho njalo, yini ekwenza usho lokho na?"

144 "UMoya oNgcwele ungitshelile." E-hhe. "UMoya oNgcwele wakwembula kimi ukuthi ngangingezukukubona ukufa, ngize ngibone uKristu weNkosi, futhi ngiyakukholwa, yilokho kuphela." Ehambahamba etshela wonke umuntu. Akunandaba ukuthi igama lakhe lalilikhulu kangakanani, wayengadingeki ukuba abe yisikhulu, kodwa nje u—nje u, angikhathali ukuthi wayeyini, wayesalokhu ekholwa ukuthi uMoya oNgcwele wawuqinisile. Awu, abekho oMoya oNgcwele ababili, munye kuphela uMoya oNgcwele. Kunjalo. Futhi wayeholwa nguMoya oNgcwele, wembulwa kuye nguMoya oNgcwele. Futhi uMoya oNgcwele ofanayo owakwembula kuSimeyoni ungakwembula kuwe, isithembiso Asenza. Nakho-ke.

Manje, siyamthola, nangu ehambahamba etshela wonke umuntu, "Yebo, angizukufa, a—angizukufa ngize ngibone uKristu weNkosi."

145 Ngiyalizwa ibandla lithi, "Simeyoni omdala bandla, kulusizi kakhulu, bandla, mfo omdala. Niyazi, uthi ukuba kancane. . .unonyawo olulodwa ethuneni khona manje, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nento ubudala, uselungele ukufa, futhi bukani, ngisho kuthi ngqu emuva kusukela osukwini luka-Adamu babebheke uKristu. Bukani, uDavide waMbheka, wacula ngaYe, abaprofethi baprofetha ngaYe, nakho konke lokhu, futhi lapha, lelikhehla, manje siqhele kakhulu kulo, esake sabakhona kukho konke ukuphila kwethu, futhi lapha lendoda endala, inonyawo olulodwa ethuneni, futhi nje isizohamba, futhi nangu ehamba ezungeza phakathi kwabantu ethi, 'Qha, angizukufa, ngizobona uKristu weNkosi, sekuseduze impela.'"

"Wazi kanjani na?"

"UMoya oNgcwele wangitshela kanjalo." Wayekulindele, kunjalo, ekulindele ukuba kwenziwe.

146 Awu, uma u—uma ukulindele ukuba kwenziwe, khona-ke kuzokwenziwa. Njengoba nje bengihlale ngisho, "Lapho utwa lubizana notwa." UDavide wathi, "Ngomsindo we, wezimpophoma zaKho, utwa lubizana notwa." Kukhona okuthize nge*nto ethize* oyilangazelelayo, *into ethize* esenhliziyweni yakho.

147 Ngi—ngiyakuthanda uku—uku. . .izigcawu, futhi ngiyakuthanda ukuzingela. Ngenyukela ezintabeni, kusukela ngisengumfanyana, ngikhuphukele lapho, ngibhekisise lelolanga lishona kusihlwa, ngilibhekisise liphuma ekuseni, ngibone leloso elikhulu likaNkulunkulu, kubukeka sengathi, lihamba linqamula lapho.

148 Bhekisisani intwasahlobo iza manje, nezimbewu ezincane ezambelwa ngaphansi kwaleloqhwa lapha emavikini ambalwa edlule, zaqhuma, zagijima zaphuma, uginindela waphuma kuzo, akusekho lutho olusele, akukho-mbewu, akukho ginindela, akukho-hlanga, akukho cembe, akukho lutho olusele lwaleyombali, i—i, ngisho nembewu, yawa kuyo. Niyazi uNkulunkulu unodwendwe lomngcwabo lwezimbali zaKhe na? Benikwazi lokho na? Impela.

149 Encane, isithwathwa sishaya imbali encane, esencane noma esindala, ikhothamisa ikhanda layo elincane futhi ife, lokho ngukufa. Futhi kuleyombali encane kuqathaza imbewu encane emnyama emhlabathini, khona-ke nakhu kufika uSeptemba, u-Okthoba uyafika ngaleyonkathi, amaconsi ezinyembezi aqala ukuwa kulezozimvula zika-Okthoba, niyazi, bese eyingcwaba emhlabathini, udwendwe lomngcwabo. Niyabo?

150 Futhi ilala lapho bonke ubusika futhi ibole, bese—bese-ke kufika iqeqeba lamakhaza bese kuqhuma leyombewu encane ivuleke, uginindela ugijima uphume kuyo. Futhi ungahle uthole idlanzana lalokho kungcola bese ukwehlisa endlini yokucwaningela, ubungeke uthathe noma yimaphi amakhemikhali ezweni futhi uke uthole leyombewana yokuphila phakathi lapho, kodwa ilapho ndawondawo. Kunjalo. Kufihliwe, ungeke ukuthole, kodwa nje vumela i—i—ilanga, ilanga liveza konke ukuphila kwezitshalo, manje, lapho lelolanga liqala ukukhanya, lokho kuphila kuyovela futhi.

151 Ngiyanitshela ukuthini, phumani lapha bese nendlala indawo yokuhamba yenu kakhonkolo kulo—kulonyaka, niwedlale phansi nje egcekeni. Futhi buphi utshani bakho obukhulu kakhulu onyakeni olandelayo na? Kukuphi na? Kuphi noma ngasiphi isikhathi na? Khona ngqo emaphethelweni endawo yokuhamba. Kungani kunjalo na? Yilokho kuphila okulele ngaphansi kwalowokhonkolo, futhi lapho lelolanga, nakuba kusibekelwe kulo, kodwa lapho lelolanga liqala

ukukhanya, lokho kuphila kuyosebenza ngendlela yakho ngokuzungeza ngqo, kuze kuphume ekugcineni kwaleyondlela eseceleni komgwaqo, bese kuphakamisa ikhanda lakho ukudumisa uNkulunkulu. Kungani na? Ilanga liyakhanya. Yinkosi, lingumnikezeli-kuphila kuyo yonke impilo yezitshalo. Khona, akunandaba ukuthi kukuphi, kuzokhanya futhi, lokho kuphila kuyoqhubeka nokusebenza indlela yakho, kusebenza ngendlela yakho, kusebenza ngendlela yakho kuze kuthi ekugcineni kuphume lapho ukuba kuphakamise ikhanda lakho futhi kudumise uNkulunkulu. Khona-ke umuntu angekholelwe kanjani ekuvukeni na?

152 O, lapho lokho, hhayi i l-a-n-g-a likaNkulunkulu, kodwa i N-d-o-d-a-n-a kaNkulunkulu, ukuPhila okuPhakade, ungahle ungimbele olwandle, ungangimbela ngaphansi kwanoma yini oyifunayo, kodwa lapho leyo N-d-o-d-a-n-a iqala ukukhanya ekuFikeni kwaYo, wonke umuntu ofile kuYe futhi unokuPhila okuPhakade uyovuka futhi ahambe naYo, ngokuqinisekile nje njengoba ngimi kulelipulpiti, kulobubusuku. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . . izikhathi eziningi.

153 Kodwa lapha esikhathini esingeside esedlule, bekukhona u—umfana omncane edolobheni lakithi uthisha atshela unina, wathi, "Ufanele ubuke lomntwanyana, nokho," wathi, "u, udla nje amarabha emapenseleni ngokushesha nje njengoba umtholela eyodwa." Edla amarabha nya, kwase kuthi-ke umama wakhe wamthola phandle lapho edla isitibili sebhayisikili egosini elingemuva, nje wayenejubili lokudla okuhle, edla nje isitibili sebhayisikili.

154 Awu, bamqukula umfo omncane base bemehlisela e—emtholampilo ukuba bamhlole. Odokotela bambheka, base bethatha ukuhlaziya umzimba wakhe, futhi uthola ukuthi, umfo omncane, umzimba wawubiza isibabule. U . . . Kukhona isibabule phakathi lapho, umzimba wakhe wawubiza isibabule, nesibabule siserabheni, ngakho yilokho ayekuthola kuleyorabha. Manje, ngaphambi kokuba kube khona okuthile phakathi *lapha* ukubiza isibabule, kwakufanele kuqala kubekhona isibabule ukusabela kulokho kubiza, kungenjalo kwakungeke neze kubekhona ukubizwa kwesibabule.

155 Ngamany'amazwi, ngaphambi kokuba kubekhona isihlahla ukuba simile emhlabeni, kwakufanele kube nomhlaba kuqala ukuba isihlahla simile kuwo, kungenjalo kwakungeke kube khona isihlahla. Ngaphambi kokuba kubekhona inhlanzi, isigwedlo emhlane wenhlanzi, kwakufanele kube namanzi kuqala ukuba ibhukude kuwo, kungenjalo yayingeke neze ibe nesigwedlo. Niyabo? Kunjalo.

156 Ngamany'amazwi, kuzofanele kube noMdali ukudala okudaliweyo. Futhi lapho, enhliziyweni yakho . . . Bangaki okholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu na? Phakamisa

isandla sakho? Awu, manje njengoba (Ngiyabonga.), njengoba impela ukholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, kukhona okuthize kweyakho, ngaphakathi kuwe *lapha*, ekutshela ukuthi kukhona uNkulunkulu ophulukisayo, futhi ngaphambi kwalokho, ngisho nalokho okudaliweyo bekungaba kuwe, kuzofanele kube noMdali ukudala okudaliweyo. Amen. Yilokho-ke. Sona impela isizathu sokuba nibe lapha kulobubusuku, sona impela isizathu sokuba lomhlangano uyaqhubeka, kufakazisa ukuthi kukhona uMthombo ovulekile ndawondawo wokuphulukisa ngokukaNkulunkulu.

157 Izinhliziyo ezilambile, ngama e-Afrika, maduzane, lapho esasinabaphendukile abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu ngenye intambama, ukubona izinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu ziphulukiswa ngesikhathi esisodwa, imithwalo yamaveni ayisikhombisa, emide njengokunqamula kulesisakhiwo, cishe impela, isuka ihambe, ngokusa okulandelayo nakho kumi abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu behla ngezitaladi nezinduku zabo zokuqhugela nayo yonke into ilele phakathi lapho, nemibhede eyizinhlaka emidala, nezinto ababezingenisile, behamba behla. Izizwe ezehlukene zihlanganyela ndawonye, zicula, "Kholwa kuphela, zonke izinto ziyenzeka." Imeya yedolobha nami sama ehhotela lapho futhi nje sakhala njengezingane ukubona.

158 Labo bomdabu boblankethe kuthangi babengazi ukuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele, futhi babelapha, amaKristu athandekayo, ephulukiswe ngamandla kaNkulunkulu ngomzuzwana owodwa wesikhathi. Ngani na? Babone into ethize yenzeka, futhi bathi nje bangayibona yenzeka, into ethize yagxuma kubo, futhi bathi, "Yimi, nami!" Futhi kwathi sebenethuba, balemukela base behamba. Yilokho kuphela okukhona kukho. Niyabo?

159 Lapho kuqala kufanele kubekhona i—indalo, noma, uMdali ukudala okudaliweyo ukukwenza ulangazelele futhi ukholwe kuNkulunkulu. Futhi lapho kwenza, impela uyakholelwa kulokho, lokho kukhombisa ukuthi kukhona uMthombo wokuphulukisa ngokukaNkulunkulu ndawondawo, kunjalo, kufanele kube njalo. NeBhayibheli liyakhuluma futhi liyasho ukuthi ngowaKhe, nguMoya oNgcwele waKhe okuholayo.

160 UMoya oNgcwele ofanayo owahola uSimeyoni ukuba akukholwe lokho, nguMoya oNgcwele ofanayo okuholela ukuba ukholwe ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, akukho oMoya oNgcwele ababili, Owodwa nje. Futhi lowoMoya oNgcwele ofanayo owembula kuye ukuthi wayengezukufa aze abone uKristu weNkosi, lowoMoya oNgcwele ofanayo ukhuluma kuwe, "Kukhona amandla kaNkulunkulu aphulukisa abagulayo." Niyabo? O, akucacile na? Ku. . .Ngani, ubungeke ukwenze

kucace kakhudlwana. Niyabo? “Kunamandla kaNkulunkulu aphulukisa abagulayo.” Niyabo?

161 Awu, udokotela wathi, “Ngiyabazi abanumzane abahloniphekile, u. . . ” Lokho kuhle kakhulu. Ngiyabakhulekela ngaso sonke isikhathi, futhi angimlahli udokotela, qhabo, mnumzane, uyi, uyinceku kaNkulunkulu, usebenza kubantu, kodwa kukhona ezinye izinto angazazi, nezinye izinto angeke azenza, khona-ke uma engakwazi ukuzenza, asiye kuDokotela ogogodele isifo, niyabo, Omkhulu, uDokotela ogogodele isifo omkhulu, iNyanga enkulu, futhi siye kuYe, Yena, simenyiwe ukuba size, Wasicela ukuba size, Usibheke ukuba sibe lapho, kunjalo, Usilindele. Futhi yingalesosizathu Ezembulile kuwe, “NgiyiNkosi, ephulukisa zonke izifo zenu. NginguJehova-Rafa, uJehova uMphulukisi, iNkosi ephulukisa zonke izifo zakho.”

Into ethize iyakutshela enhliziyweni yakho, “Kunjalo, ngiyakukholwa lokho.”

Awu, lowo nguMoya oNgcwele ofanayo owathi, “Simeyoni, awuzukubona ukufa, uze ubone uKristu weNkosi.”

162 Bangaki abantu abagulayo lapha abakholwa ukuthi uzophulukiswa ngalomhlangano na? Phakamisa isandla sakho. Uthi, “Ngi—ngikholwa ukuthi ngizophulukiswa, abathandekayo bami, kanjalonjalo, bazophulukiswa.” Kulungile, lokho kuhle. Niyabo? Kukhona okukwembulele khona. Ini? UMoya oNgcwele ofanayo. Nikulindele na? Ulindele ukuthi kwenzeke na? Bangaki okholwayo ukuthi sizoba nomhlangano omkhulu na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikholwa ukuthi si. . . ” Kulungile. Niyabo? Kanjalo nami. Niyabo? Kuyini na? UMoya oNgcwele wasembulela khona. Amen. Ngikholwa ukuthi sizobona amandla kaNkulunkulu. Anikukholwa lokho na? Impela. UMoya oNgcwele usembulela khona, si—siyakukholwa lokho, futhi nje sihlala ngqo nalokho.

163 Manje, niyazi, babengenayo ithelevishini ngalezozinsuku, bonga uNkulunkulu ngalokho, ngakho manje-ke ba—bayeza. . . Ngi, ngikholelwa ebungcweleni obumsulwa, ngiyakholelwa ngempela. Ngiyakholelwa e. . .ngempela, ngi. . .Wena uthi. . . ungizwe ngithi bengiyiBaptisti esikhashaneni esedlule, ngiyiPentecostal-Baptisti, ngiyiBaptisti eyemukela uMoya oNgcwele. Kunjalo.

164 Ngiyakholelwa kwimfashini endala, iPentecostal, isibhakabhaka esiluhlaza, inkolo ebulala isono. Yebo, mnumzane. Ngiyakholelwa ekubeni ngumbhobho wesibhamu ngqo, futhi ngikushumayela ngendlela efanayo, futhi uphile nje ngendlela oshumayela ngayo, futhi nje ugxume uye phezulu njengoba uphila, kunjalo nje. Uma ungakwazi ukuphila phezulu kakhulu, khona-ke ungagxumi phezulu kakhulu, kodwa nje yenza ukugxuma kwakho kulingane nempilo yakho. Futhi

ngikholwa ukuthi lokho kufanele kube ngaleyondlela, yilapho uNkulunkulu ezohlonipha khona iZwi laKhe, Li—Li—Liqinisile noma alilungile. Futhi ngi—ngikholwa ukuthi uNkulunkulu wathi, "Vivinyani zonke izinto." Futhi Lifakazisile ukuthi Liqinisile, ngakho ngiyaLikholwa. Amen.

165 Manje, qaphelani lokhu, ngifuna ukubuza okuthize. Manje, hhayi ukuqala uku. . . abefundisi yibo abenza ukushumayela, ngizela lapha inkonzo yokuphulukisa, kodwa ngifuna ukubuza into ethize ebusweni bempucuko, nabo bonke ubuqotho, namaqiniso: Niyabaqaphela abesifazane bakithi ePentecost, nakuyo yonke enye indawo, unyaka ngamunye bakhumula izingubo ezithe xaxa kancanyana, izingubo ezithe xaxa kancanyana, izingubo ezithe xaxa kancanyana, futhi zize zibe, cishe impela, kuyihlazo na?

166 Manje, singakulindela lokho kubantu abaphuma ezweni, abazi kwehluka. Kodwa kubantu bakithi bePentecostal na? Futhi ngifuna ukusho okuthize: Ngama lapho lapho engabona khona izinkulungwane ezingamashumi amathathu zabomdabu boblankethe bemukela uJesu Kristu ngesikhathi esisodwa. Labo besifazane bemi lapho behamba-ze nje, beza ezweni, abasha nabadala, lutho ngaphandle kwendwangu encane, ubuhlalu bulenga phambi kwabo obucishe *bubengaka* ubukhulu, abakaze bazi ukuthi babehamba-ze, bengazi lutho ngakho, futhi khona ngqo ezinkundleni lapho bebone khona lokhu kuphulukisa kwenzeka, nalesisibonakaliso, njengoba ngingena kuso kakhulu kusasa ebusuku, futhi ngikubonile lokho kwenzeka, ngi. . . Babefuna uku, babefuna okuthile, babefuna ukwemukela uKristu. Futhi ngathi, ngabuza, "Wonke lowo okholwa ukuthi Uzokusindisa, mabasukume." Futhi amashumi amathathu enku- . . . awu, bamaka izinkulungwane ezingamashumi amathathu, angazi ukuthi bangaki abama, kodwa abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu basukuma basho.

Kwase kuthi-ke, noMfowethu Bosworth nabo bathi, "Ngiyakholwa Mfowethu Branham, ukuthi babeqonde ukuphulukiswa ngokomzimba."

167 Ngathi, "Bengingaqondile," nganginabahumushi abayishumi nanhlanu, niyazi, ngakho ngathi, "Bengingaqondile ukuphulukiswa ngokomzimba, bengiqonde insindiso, ukuthi u—nemukela uKristu, iNdodana kaNkulunkulu, njengoMsindisi wenu siqu, futhi nifuna ukuYikhonza." Abaningi babo nezithombe esandleni sabo, ngathi, "Wena oqotho ngakho, bhidliza izithombe zakho emhlabathini," njengesiphepho sothuli, uyakubona kukhuphuka *kanjalo*.

168 Futhi ngenkathi, kwathi nje bangamukela uKristu, labo besifazane abanqunu, mfowethu, dadewethu, basonga izingalo zabo *kanje* ukuba baphume phambi kwamadoda. Futhi uma

umhedeni oluhlaza, ongasazi isandla sokudla nesokhohlo, uthi nje uKristu angabathinta, baqonde ukuthi bahamba-ze, bese kuthi-ke sizisho ukuthi singabeBandla likaNkulunkulu ophilayo, futhi sizihlubula minyaka yonke, akunamqondo kimi, kukhona okungalungile, ndawondawo. Kunjalo. O Nkulunkulu! Ya, siseLawodikeya, yilapho esikhona, si—siphansi le ngomugqa eduze kokuFika kweNkosi uJesu. O, masilungele ukuhlangana naYe. Yebo, yebo.

169 USimeyoni, njengoba ngishilo, babengenawo amathelevishini. Ngenkathi ngisekulokho, ngenza ukuphawula, into ethize kulokho ngesinye isikhathi, kwakukhona inenekazi elasho kimi, ekukhulumeni ngendlela abesifazane abazigqokisa ngayo egqoke ezindadlana, izingubo ezilingana nse, nezinto, futhi ngakho wathi—wathi, "Ngani . . . "

170 Ngathi, "Uma wenza lokho, uyophendula ngoSuku lokwaHlulela ngokuphinga." Futhi omunye wabiza isandla sami kukho.

171 Ngathi, "UJesu wathi, 'Yilowo nalowo obuka owesifazane ukuba amkhanuke, usephingile naye vele enhliziyweni yakhe.' Futhi ungahle ube msulwa njengomnduze kumyeni wakho, noma isithandwa sakho, ungahle ube nje ngowesifazane onamandla njengoba ekhona e-United States, yebo, umsulwa njengoba wawunjalo ngenkathi uphuma esizalweni sikanyoko, kodwa, nenekazi, uma uzigqokisa kanjalo ukuvumela izoni zikubuke kanjalo, sizokukhanukela, futhi lapho senza, ngoSuku lokwaHlulela lapho siphendula ngokuphinga kwaso, nguwe oziveze kuso, nakho lapho okhona, ngakho-ke uzophendula ngokuphinga."

Omunye wesifazane wathi kimi, wathi, "Awu, Mfowethu Branham, yilolohlobo kuphela lwezingubo abazenzayo."

172 Ngathi, "Basenayo imishini yokuthunga futhi bathengisa izimpahla, ngakho akukho-zaba ngakho." Yinto nje . . . Kunjalo. Thina, esikudingayo namhlanje, ngenhle, eyimfashini endala, eluhlaza okwesibhakabhaka, inkolo ebulala isono, imvuselelo kaPawulu oNgcwele omdala, noMoya oNgcwele weBhayibheli, futhi sibuyele emilayezweni yangempela yePentecostal futhi, sibuyele eqinisweni.

173 Okuyikho namhlanje, abaningi kakhulu babavangeli ensimini, ukuvangela kuba yithikithi lokudla kubo. Banezinhlelo ezinkulu kakhulu ukuba bazixhase, ngeke bakusho lokho phambi kwebandla. Omunye umfundisi wangitshela, wathi, "Uzoyona inkonzo yakho ngalokho."

174 Ngathi, "Noma yiyiphi inkonzo iZwi likaNkulunkulu eliyoyona, ibifanele yonakale, ikhahlelwe ikhishwe, noma kanjani." Yebo, mnumzane. Ngathi, "Ngi . . . " Kunjalo. Awu . . . Esikudingayo ngukubuyela eBhayibhelini, sibuyele ebungcweleni bangempela, sibuyele kuNkulunkulu, sibuyele—

sibuyele lapho abantu bengaba nokukholwa khona. UNkulunkulu angalakha kanjani iBandla laKhe phezu kwesisekelo esinjalo na?

175 Sathatha amabandla ethu futhi senza izinhlangano, futhi singabazo, futhi sahlala phansi ngqo njengabo bonke abanye. Futhi manje, sasivame ukuthi, "Endala, ebandayo, iBaptisti ngegama," futhi manje amaBaptisti athi, "Nina abandayo, amaPentecostal agcina umthetho ngegama." Kunjalo. Kunjalo impela, iPentecost igcina umthetho ngegama kakhulu kunamaBaptisti. Yebo, mnumzane. Ngakho nakho lapho esikhona.

176 Esikufunayo ngenhle, eyifeshini endala, imvuselelo enyakazisayo ezweni lonke, ibuyisela abesilisa nabesifazane kuNkulunkulu. Ngani, iBandla lalisesimweni esingcono ukuba uJesu afike eminyakeni engamashumi amane edlule, kunoma linjalo namhlanje, emuva ngenkathi babenePentecost langempela phakathi kwabantu. Kodwa namhlanje senze buthakathaka indlela yethu, namapulpiti ethu abe buthakathaka, nemizuliswano emine noma emihlanu yabefundisi abancane basekholiji ingene nezinwele eziyinkimbinkimbi, niyazi, noma yini okunye, ngingasho lutho ngalokho ngoba anginalutho, kodwa lokho akwenzi, aku... Kodwa engiqonde ukukusho, bafinyelelisa lokho endaweni, njengoba nje uNkulunkulu wayenabazukulu, uNkulunkulu akanabazukulu.

177 Niyazi, maMethodisti, uma uyiMethodisti futhi uzelwe ngokusha, uyiNdodana kaNkulunkulu. Kodwa utholani na? UWesley uyafika, umzuliswano wokuqala weMethodisti wawukahle, umzuliswano wesibili uqala ukungenisa abantwana babo, leyo yinto efanayo amaPentecostal ayenzayo. Eminyakeni embalwa edlule, babenePentecost langempela, abesilisa nabesifazane abangena e-altare futhi bakhokha inani, futhi bedlule, mfowethu, futhi baphila impilo. Yebo, mnumzane. Awu, benzani na? Bangenisa abantwana babo, babahlalisa ezinhlwini, base bebanikela ebandleni, futhi babengamaPentecostal, lowo ngabazukulu.

178 Akukho ndawo eBhayibhelini lapho uNkulunkulu enabazukulu khona. Akasuye uBabamkhulu, UnguNkulunkulu, UnguBaba. Haleluya! Futhi wonke owesilisa nowesifazane, angikhathali ukuthi ungubani, noma, ukuthi uyihlo nonyoko wayelunge kangakanani, ufanele ube nalesosehlakalo esifanayo sokuzalwa ngokusha nokugcwaliswa ngoMoya oNgcwele uma uke ulindele ukuba yindodana noma indodakazi kaNkulunkulu. Kunjalo.

179 Igama elithi *Phentekoste* nje ngeke likusindise. I*Phentekoste* ayisiyo inhlangano, I*Phentekoste* liyisehlakalo kunoma ubani othandayo, makeze, futhi aphuze eMthonjeni waManzi

okuPhila. Amen. Manje, lelo yiqiniso, mngane. Lokho ngamasassafras njengoba ku. . .Ninawo amasassafras phezulu lapha na? Kulungile, niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Ngakusho lokho ngesinye isikhathi, umfo wathi, omunye wangibhalela incwadi ethize, wathi, "Yini *amasassafras* na?" Kulungile. Kodwa niyazi ukuthi kuyini phezulu lapha. Yebo, mnumzane. O kodwa, mfowethu, ngizokutshela, ku—kuzokuqondisa, kuzo—kuzokwenza uphile kahle. Lelo yiqiniso. Yehlela lapho nje, futhi uhlale kuze kwedlule, futhi uthole ukuqondisana noNkulunkulu, yebo.

180 Futhi uSimeyoni, ngalezozinsuku wayenjalo, wayenalesosithembiso, futhi wayesikholwa ngenhliziyo yakhe yonke. UJesu wazalelwa eBetlehema laseJudiya (Izazi zafika, zazingenalo iphephandaba.), futhi ezinsukwini eziyisishiyagalombili kamuva umama uza ethempelini ukuzonikela ngamahobhe noma amajuba okukuhlanjululwa, ukusokwa komntwana. Futhi manje nakhu kufika uJesu, manje sengivala, nakhu kufika uJesu, isikhathi saKhe sokuqala ethempelini ezingalweni zikamama waKhe omncane.

181 Bangitshela ukuthi imbeleko yaKhe yenziwa nge, indwangu yokusonga eyayihamba ngemuva kwejoka lenkabi eyayilenga esitebeleni, futhi khona-ke singagqoka ijazi lemink lamadola angamakhulu amahlanu futhi siphakamisele ikhala lethu emoyeni, uma bekungaminza bekuzosinetha, futhi sicabange ukuthi singumuntu othize, futhi uMsindisi wethu, uNkulunkulu waseZulwini, wafika futhi esongelwe ngembeleko yenkabi.

182 "Izimpungushe zinemiphandu, nezinyoni zinezidleke, kodwa iNdodana yomuntu ayinandawo yokuqamelisa ikhanda laYo." Futhi-ke sicabanga ukuthi singumuntu othize, ongashayela imoto kangcono kuneyakwaJones, futhi nje sibulale abantwana bethu ngendlala, cishe impela, ukuba sithole leyomoto, futhi, sithole ithelevishini engcono, noma okuthize, sihlale ekhaya ngoLwesithathu ebusuku singekho emhlanganweni womkhuleko, futhi sivumele ibandla lihlale lingenamuntu ukuba libuke u*We Love Susie*, noma into efana naleyo kuyo, lombhedo kwithelevishini; lokho kukhombisa ukuthi umthanda kangakanani uNkulunkulu.

183 Ngizokutshela, mfowethu, ku. . .esikudingayo yimvuselelo, kunjalo impela nje. Yilokho lesisizwe esikudingayo, ngukubuyela kuNkulunkulu. Yebo, mnumzane. Lapho u—ukhombisa. . .Isenzo sakho siyakhombisa ukuthi siyini, isenzo sabantu siyakhombisa, impela nje. Uma nithanda izwe, noma izinto zezwe, iBhayibheli lithi uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini. Kunjalo. O, ujoyina ibandla, kunjalo, kodwa *Lona* nguYe esikhuluma ngaye, awujoyini *Lokhu*, uzalwa kuKho. Sengibe semndenini wakwaBranham iminyaka engamashumi amahlanu nanye, abakaze bangicele, ngijoyine umndeni. Kungani na? Ngazalelwa kuwo, nga—nganginguBranham

ngokuzalwa. Yileyondlela ongumKristu ngayo, uzalwa eBandleni likaNkulunkulu ophilayo, uzalelwa kulo ngokuzalwa, ungumKristu ngokuzalwa.

184 Manje, uJesu wangena ethempelini, futhi ngiyabona labomama ngalezozinsuku, niyazi, bonke phezulu lapho nezingane zabo ezincane namabhuzu azo amancane, nomthungo wazo omncane, niyazi, futhi konke kwenziwe, izingubo zazo zokulala ezincane zikanokusho, nabesifazane bomphakathi, niyazi, bekhuluma nge. . . Futhi into yokuqala niyazi, kungena uMariya omncane ephethe leNgane encane ngalembeleko, niyabo, waMsonga ngokusuka ejokeni lenkabi. Ngidlule, sengiyabezwa abanye babo bethi, "*Hheyi! Psst! Psst!* Bukani lapho, niyambona lowomgingqiki ongcwele na?" Noma, niyazi ukuthi ngi. . . Mhlawumbe lokho kuyiphutha, futhi.

185 Kodwa ngithi, bathi, "Buka lowo wesifazane. Niyazi ukuthini? Wagana. . . Leyongane yazalwa ngaphandle kwefindo lomshado ongcwele. *Mm!* Ungangitsheli! Lapho okukhona khona intuthu encane, kubophezelekile ukuba kube nomlilo ndawo ndawo. Yebo, mnumzane. Ngizokutshela, mfana, yilokho kuphela okukhona kukho. Ya, ngiyakutshela, ungomunye *wabo*, kungcono umbhekisise, niyabo. Deda kuye."

186 Yileyondlela ikholwa elisivivi elizama ukuyenza ekholweni langempela, "O, ulahlekelwe yingqondo yakhe, wachezukela ekugcineni okujulile, kukhona okuthize okungalungile. A, wethemba uNkulunkulu nga*lokhu*, washo. A, izinsuku zezimangaliso selwedlule, ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu." Mm! Kulungile.

187 Kodwa enhliziyweni yakhe encane wayazi ukuthi leyoNgane yayingekaBani, wayazi. Futhi wenza kanjalo wonke umuntu ozelwe nguMoya kaNkulunkulu, uyazi lapho emi khona, uyazi ukuthi yisiphi isambulo, Omnika lesosambulo. UPawulu wathi, "Angikaze ngize kini, ngishumayela kini amazwi omuntu ahungayo, ukuze ukuhlakanipha kwakho kuyo. . . ukuze ukukholwa kwakho kwakhelwe ekuhlakanipheni komuntu, kodwa ngiza ngishumayela kini amandla kaMoya oNgcwele." Amen. Yilokho-ke, mfowethu, kulula futhi kusobala, kusobala nje ukukukholwa, yilokho kuphela. UNkulunkulu washo njalo, nalokho kuyakuxazulula, leyo yi—leyo yiyo yonke into.

188 Wayazi ukuthi leyoNgane yayingekaBani, akunandaba ukuthi yini enye yabo bonke. . . Sengiyababona bethi, "Manje, gcina ibanga lakho, ungahambi ngakuye. Ungazihlanganisi ngalutho naye, yena, deda nje kuye."

189 Wayengenandaba noma ngabe babekwenza noma qha, akuzange kumenzele mehluko, wayazi ukuthi leNgane yayingekaBani. Wayazi ukuthi YayinguBani. Kunjalo.

190 Niyazi ukuthini? Ngenkathi unoMoya oNgcwele, uyazi ukuthi kwenzekani kuwe, wawulapho, uyazi ukuthi Kuvelaphi.

Akuvelanga ekholiji elithile, noma emathuneni athile, noma... Ku—Kufika—Kuvela kuNkulunkulu. Awu, kokubili kucishe kufane, izindawo ezifile, ngakho-ke, kukhumbuleni lokho.

191 Ngakho manje-ke, wayazi ukuthi leNgane ivelaphi. Wabhekisisa, wayesethi, "Yebo, mnumzane." Wayazi, waqhubeka ehamba, kanjalo, enganaki, ekhuluma neNgane yakhe, wayengenaso isikhathi sokuzihlanganisa nabo, yonke leyomiphakathi.

192 Yileyo indaba ngebandla lethu namhlanje, banenhlangano yamanenekazi, inhlangano yabesilisa, *le*nhlangano, nemidlalo yebhola, amasapha amasobho, nakho konke okunye, nemihlangano yomkhuleko ishiyiwe, niyazi. Akusekho... NoMoya oNgcwele wethembisa ukuthi Uyobeka uphawu kuphela labo ababubula futhi bakhalela izinengiso ezenziwa emzini.

193 Bafundisi basesontweni, ubungamaka esandleni sakho abantu abayishumi, kulobubusuku, kulelidolobha obubulayo nokhalayo, imini nobusuku, ngenxa yobubi nezinto ezenziwa emzini na? Ngabe noma ubani kulezizethameli uyazi ukuthi ubeka kuphi iminwe yakho kubantu abahlanu ababubulayo nabakhalayo, imini nobusuku, ngenxa yezono, nezinto zedolobha na? Awu manje, iBhayibheli lathi beka uphawu phezu kwalabo ababubula futhi bakhale ngesinengiso esenziwa emzini. Kunjalo. Yilokho-ke. Niyabo?

194 Akusekho mthwalo ngemiphefumulo elahlekile, konke sekuhambile, si—sivele sajoyina ibandla futhi sazinza, "Konke lokho kudingekile." Niyabo? Sithola kanjalo-ke. Kunjalo, isono siyanyenya kakhulu, futhi sinyenya ngqo kuwe ngaphambi kokuba usazi, niyabo, yileyondlela esenza ngayo. Sivele nje sikuhlwithe njengoba kwakunjalo ngokushibilika kwetshe elidala, futhi sinawe, udeveli wenza lokho.

195 Manje, mfowethu, ake sithi ngqu emuva sisuke endaweni yakhe, asibuyele kuNkulunkulu, sibuyele e-altare, sakhe kabusha i-altare futhi elidilizelwe phansi. Yakha ikhaya lakho, ususe lawomakhadi etafuleni, nawo onke amaphephabhuku amadala ezindaba zothando, futhi uvule iBhayibheli, futhi ufunde iBhayibheli, futhi—futhi—futhi ukhuleke, ungagobi nje bese uthi, "Busisa umndeni wami, noMary, noJoe, noJohn, nabo bonke," ungene embhedeni, qhabo, mnumzane, hlala lapho noNkulunkulu. O, he!

196 Niyalazi leloculo owawuvamise ukulicula, "Kunezikhathi engingathanda ukuba ngedwa noKristu iNkosi yami, ngingaMtshela zonke izinkathazo zami ngingedwa"? Yilokho esikudingayo futhi, yilokho-ke, lolohlobo lwemihlangano, lolohlobo lwebandla, yilolohlobo lwebandla olukhuleka phansi izibusiso zikaNkulunkulu. Ngineqiniso umelusi wenu angalithokozela lonke ilunga liba kanjalo. Kanjani ukuthi

ubenga . . . ! Futhi bekungaba kanjani uma ibandla belingaba nje kanjalo futhi!

197 Manje uza kanye naleNgane, manje kukhona uKristu ethempelini. Kulungile, uma uKristu esethempelini, noNkulunkulu wayekwembulile kuSimeyoni ukuthi kwakuyikho, Wayezomkhombisa uKristu ngaphambi kokuba afe, awu, ngicabanga ukuthi uma uKristu ethempelini, sekuyisikhathi sikaMoya oNgcwele ukuba uyosebenza kuSimeyoni. Anicabangi kanjalo na?

198 Ake sicabange ukuthi nguMsombuluko ekuseni. Manje, zingaki izingane ezincane eziyozalwa na? Kukhona cishe abantu abayizigidi ezimbili nengxenye kwa-Israyeli ngaleyonkathi, futhi ngicabanga ukuthi bekungaba okungenani amakhulu ezingane ezizalwa njalo ebusuku, futhi njalo ezinsukwini eziyisishiyagalombili zazifanele zisokwe, nomnikelo ngokuhlanjululwa. Kulungile.

199 Nampa manje, nguMsombuluko ekuseni, uSimeyoni usebuyele ehhovisi, ufunda imiBhalo egoqwayo. Ake sibone, ucosha u-Isaya, futhi uqala ukufunda kwehlele ku-Isaya 9:6, "'Sizalelwe uMntwana, siphiwe iNdodana, iGama laKhe liyakuthiwa uMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise ongunaPhakade, umbuso uyakuba semahlombe aKhe. Nokwa . . .' O, kungaba ubani lowo na?"

Ngalesosikhathi uMoya oNgcwele wathi, "Sukuma, Simeyoni."

"Sukuma? Ufuna ngenzeni na?"

"Sukuma nje."

"Awu, ngizoyaphi na?"

200 "Qhabo, sukuma nje, yilokho kuphela engifuna ukwenze." Yileyondlela uNkulunkulu akufuna ngayo, njengoba Ekhuluma nje, hamba wenze. Yilokho ofuna ukukwenza kuleliviki, lapho uNkulunkulu ekhuluma, thatha isinyathelo, kwenze. Uthi, "Hamba uyobona u*S'bani-bani* mayelana nokuza esontweni." Thatha isinyathelo, kwenze.

"Sukuma."

"Yebo, Nkosi, ngilapha."

"Yini elandelayo na?"

"Qala ukuhamba."

"Ngakuphi na?"

"Hamba. Ngizohola, wena hamba." Niyabo?

201 Nangu eza, ngiyambona ephuma emangala, "Awu, ngiyazi ukuthi lona nguMoya oNgcwele, ngoba Uke wakhuluma kimi ngaphambili." Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, anazi na? Niyakholwa ukuthi amadodana kaNkulunkulu aholwa nguMoya

kaNkulunkulu na? Yebo, anjalo. Nangu eza ehamba, ehamba edabula ethempelini, engazi ukuthi uyaphi, eholwa nje nguMoya oNgcwele. Manje, uyeza, futhi wehla edabula ezinkulungwaneni zabantu yonke indawo, nangu eshaya lomugqa wokusoka kwabantwana, eza, ehamba ehla ngqo ngalomugqa.

202 Ubona lona wesifazane omncane wonke umuntu uqhela kude naye, uyenyuka. UMoya oNgcwele uqala ukwenza inhliziyo yakhe ishaye ngokushesha ngempela, niyazi. O, Uyakuholela esithembisweni. Yebo. Uma Ekunika isithembiso, futhi ukholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, Ukuholela kukho ngqo. Uma ukholelwa embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, Ukuholela kuwo ngqo. Niyabo? Lapho okukhona, Uyokuholela ngqo kukho.

203 Manje, Unaye khona lapha, eceleni. USimeyoni ufinyelela ngale, ukhipha leyoNgane ezingalweni zikanina, uphakamisa izandla zakhe, wayesethi, "Nkulunkulu, vumela inceku yaKho imuke ngokuthula, ngokweZwi laKho, ngokuba amehlo ami abonile iNsindiso yaKho."

204 Emuva le, ngale ekhoneni, omdala, owesifazane oyimpumputhe, ogama lingu-Ana, wayengumprofethikazi, u-Ana wayengumprofethikazi, wayekade eyimpumputhe iminyaka, wahlala lapho, futhi naye walinda futhi wakholwa yinduduzo ka-Israyeli, wayekholwa ukuthi lowomProfethi wayeza, futhi wayekholwa. Wayehlezi lapho, noMoya oNgcwele wathi, "Ana, sukuma." Amen. Labo abangabakamoya njalo bayaholwa, niyazi, ngesikhathi esifanele. "Sukuma, Ana."

Futhi nakhu kufika lona omdala, owesifazane oyimpumputhe, "Uxolo, mnumzane. Uxolo, nkosikazi. Ngiyaxolisa." Eholwa ngoNgcwele . . .

"Uyaphi, Ana na?"

"Angazi, ngiyaholwa nje."

205 Into yokuqala niyazi, uza ngqo lapho uSimeyoni emi khona, futhi ethi, "Nkosi, vumela inceku yaKho imuke ngokuthula." Yena, kanjalo, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwakhe, futhi uqala ukuprofetha ngoMntwana.

206 O, mfowethu, dadewethu, uma uMoya oNgcwele ubungahola owesifazane oyimpumputhe kulezonhlobo zezikhathi, Ufanele asihole kangakanani na? Nakuba siba yizimpumputhe, Makasihole sibuyele eMthonjeni.

> Ngokuba kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
> Elamuncwe emithanjeni ka-Emanuweli,
> Lapho izoni zibhukuda khona ngaphansi kwethantala,
> Kusuke onke amabala azo ecala.

207 Uyakukholwa lokho na? UNkulunkulu akubusise. Ngabe kukhona okuthize okulindele ukuba kwenzeke na? Isikhathi sami sesihambile. Manje, niyizethameli ezithandekayo, ngingakhuluma ihora nokho kini, kodwa isikhathi sami sesiphelile. Futhi asilindele uNkulunkulu ukuba asinike imvuselelo enkulu. Ninga—ningajoyina kanye nami emkhulekweni ku, ngaleyonhloso na? Uzokwenza na? Asikhothamise amakhanda ethu-ke.

208 Manje, bazalwane ongumfundisi, ngiyazi nonke nikulindele. Silapha ukusebenza ndawonye njengobunye bukaNkulunkulu, makungabikho lutho oluma endleleni yethu manje.

209 Bandla, silapha ukusebenza nani, nonke nina ongowe-Assemblies of God, neChurch of God, ne-United Pentecostal, futhi noma ungahle ube yini, asikhathali ukuthi yiluphi uphawu olufakayo, nje si—nje siyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwenza. Asihlangane ndawonye manje nganhliziyonye.

210 Baba wethu waseZulwini, lamazwi aphukile nenkulumo encane lapha, ukuthi nje ukususa konke ukwesaba nokuba nesitashi eBandleni laKho, ukuthi nje ukubhidliza umhlabathi ophenduliwe ongalinyiwe ukuba ubeke isisekelo lapha, noma ukungabeki isisekelo, kodwa ukwakha phezu kweSisekelo esesivele sibekiwe, uKristu Jesu, lokho lababantu abafundiswe ukukukholwa kusukela phansi eminyakeni, ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

211 Baba waseZulwini, ngiyakhuleka, njengoba sihlanganisa izinhliziyo zethu nemikhuleko yethu ndawonye, iBhayibheli lasho esahlukweni sesine se, ngiyakholwa, seZenzo zabaPhostoli, lapho abantu sebebuthene, benza umbiko, base-ke bekhuleka nganhliziyonye, nesakhiwo sazamazama lapho ababebuthene khona ndawonye, futhi bakhuluma iZwi likaNkulunkulu ngesibindi.

212 O Nkulunkulu, siyahambisana lapha, namhlanje, naleligama elimangalisayo liqhaswe phezu kwethu, njengamakholwa ePentecostal, sifakaza ukuthi sizelwe ngokusha ngoMoya oNgcwele, noMoya oNgcwele uyasihola. Manje-ke, Nkosi, ukubona ibandla liba buthakathaka, futhi liwa, futhi lidilikela phansi, futhi, O Nkulunkulu, i—isimo esinje pho! Sivuselele, O Nkosi, thumela uMoya oNgcwele waKho phezu kwethu, futhi uveze okuqabulayo, amathonsi amazolo omusa avela phezulu.

213 O Nkulunkulu, vuselela umphakathi wethu—wethu—wethu lapha, vuselela idolobha lonke, vuselela amabandla nxazonke, vuselela amaMethodisti, vuselela amaBaptisti, avuselele onke, Nkosi. Futhi, O Nkulunkulu, kwangathi kungaqala khona lapha kulelibandla, kwangathi kungaba khona ukuvuselelwa nokuvuka okukhulu phakathi kwethu, Nkosi, kuze kuthi uMoya oNgcwele uthathe izinhliziyo zethu, futhi usidabule, futhi

ukhama kithi amafutha ayigugu Ayofisa ukuba iBandla lethu ligcotshwe ngawo. Siphe khona, Nkosi.

214 Sibusise manje. Sithethelele izono zethu, ukushiyeka kwethu. Nkulunkulu, kwangathi kungebebikho-muntu ogulayo othamela lomhlangano, ngaphandle kozophulukiswa. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi kungebebikho noyedwa umuntu onesono, noma ongakholwayo oke eze kulomhlangano, kodwa ozosindiswa. Siphe khona, Nkosi.

215 Kwangathi iziNgelosi zikaNkulunkulu zingaya kuwo wonke amabandla kuwo wonke umphakathi, yonke indawo, phansi emabhareni, futhi—futhi alethe ukulahlwa icala phezu kwezoni. Futhi kwangathi amaKristu angaqhubeka efakaza, ethi, "Woza, ubone! Woza, ubone! Asikaze sibone noma yini enjengakho." Siphe khona, Nkosi. Kwangathi kungaba ngukubhonga okukhulu kulelizwe, noNkulunkulu ethola inkazimulo kukho. Siphe khona, Baba.

216 Busisa abelusi bezimvu baKho abayigugu, ngiyacela futhi, emuva lapha, ngimi phezulu lapha emsamo, abanye engingakaze ngibabone empilweni yami, kodwa, Nkosi Nkulunkulu, bamile lapha ukwenza ubufakazi ukuthi bona, nabo, bangamakholwa, balapha kanye, ukufaka ingxenye yabo, ukubeka ihlombe labo esondweni. Izinhliziyo zethu ziyavutha futhi ziyalangazelela, Nkosi, sibona uMoya kaNkulunkulu uhamba phakathi kwethu. Siphe khona. Senzele lokhu, Baba. Sizinikela kuWe, eGameni likaKristu. Ngenxa yenkazimulo yaKhe siyakucela.

217 Manje wonke lowo ophakathi lapha ogulayo nodingayo, phakamisani izandla zenu, khona manje, phakamisani izandla zenu nje. Kulungile. Ngifuna nibeke izandla zenu phezu komunye nomunye, nje nibeke izandla zenu phezu komunye nomunye manje. Abanye. . .Manje, ungazikhulekeli wena, khulekela umuntu obeke isandla sakho kuye, bayakukhulekela. (Ngiyakuthanda lokho, "Konke kuyenzeka.")

218 Manje, e—ezinhliziyweni zethu, ake sicabange nje manje. Sengiyasibona i—isigejane sabafundi sizungeze u—umfana onesithuthwane. Sengiyamuzwa u-Andreya ethi, "Hlehlani, bafana, ngi—ngizonikhombisa ukuthi ngikwenze kanjani ezansi eKapernawume, ngenkathi ngikhipha isithuthwane ezansi lapho. Nansi indlela engikwenze ngayo!" Kodwa akusebenzanga.

219 USimoni Petru wanyathela, wathi—wathi, "Awu, manje, nansi indlela engikwenze ngayo ezansi eJopha, ngizonikhombisa ukuthi ngikwenze kanjani ezansi lapho." Futhi akusebenzanga.

220 Kodwa kwenzeka babuka ozayo ehla egqumeni, nakho kufika Oyedwa ehamba, ngokuthula, mhlawumbe engesiyo enkulu, iNdoda ebukeka iyisiqhwaga, Lathi, "Akukho buhle, ukuba siMfise." Kodwa kukhona okuthize ngaYo, Yayazi ukuthi Yayikhuluma ngani. Futhi wagijimela kuYo, loyise womntwana,

wayesethi, "Nkosi, yiba nomusa endodaneni yami, ikhwelwe yidemoni ngokunhlobonhlobo. Ngimlethe kubafundi baKho, abakwazanga ukumphulukisa."

UJesu wathi, "Ngingakwenza, uma ukholwa, ngokuba konke kungenzeka kwabakholwayo."

Wathi, "Nkosi, ngiyakholwa; Siza ukungakholwa kwami."

221 LeyoNdoda efanayo, ngenkathi Ishiya izwe, uMsindisi wethu, amaZwi okugcina Yathi, "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Isibonakaliso sokugcina Wathi, Wathi, "Bayobeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda."

222 Manje, kukhona ikholwa elinezandla zalo zibekwe phezu kwakho, ikholwa elikholelwa ekuphulukisweni. UJesu wenza lesisitatimende: "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Manje uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungangabazi, i, futhi ukhuleka umkhuleko wokukholwa, khona-ke lowo o, obeke izandla zakho phezu kwakhe uyakukhulekela, ngiyakholwa.

223 Baba wethu waseZulwini, sibeka izandla zethu, ngokukholwa, phezu kwabagulayo nabahluphekile, futhi sicela ukuthi umusa waKho nesihawu kuzohlinzeka konke abakudingayo. Bayakhuleka, Nkosi, ngendlela nje abenza ngayo ebandleni labo; bayaKuthanda, futhi bayaKukholwa. Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ngayo yonke inhliziyo yami, ukuthi Uzogqabula zonke izibopho zokungakholwa, ulahle wonke umoya omubi, kwangathi bangekwazi ukuma ngaphakathi kwesakhiwo, Nkosi, kuxoshe. Kwangathi akukho lutho kodwa okumsulwa, ukukholwa okumsulwa kuNkulunkulu kungaba kuzo zonke izinhliziyo, njengamanje. Kwangathi udeveli angehlulwa empilweni yethu, futhi siyazi ukuthi wehluliwe, ngoba uyisidalwa esehluliwe.

224 Futhi, Sathane, ngiphendukela kuwe manje ukuba ngisho lokhu, ukuthi wehluliwe, awusesabi, kodwa uyamesaba Lowo esikhuluma ngaye. Ulahlekelwe yiwo onke amandla amancane owake waba nawo, wehlulwa eKalvari, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, wanqoba phezu kwazo zonke izitha, Wanqoba konke ukugula, konke ukufa, isihogo, nethuna, futhi wanqoba konke ukunqoba owake waba nakho. Futhi awulutho kodwa umkhohlisi, futhi sibiza ukukhohlisa kwakho, kulobubusuku. EGameni likaJesu Kristu, khulula lababantu, ba—balandela ngokuphelele futhi balindele ukuphulukiswa, amandla kaNkulunkulu akhona, amakholwa nezandla zawo zibekwe phezu komunye nomunye. Sathane, bayeke labobantu, phuma kubo, eGameni likaJesu Kristu, wehlulwa empini.

225 Futhi bayosinda ngoba uNkulunkulu washo njalo, uNkulunkulu wakwethembisa, sikulindele, futhi siyazi ukuthi

kuyoba njalo, ngoba uSathane wehluliwe, futhi uNkulunkulu unokuqala. Siyazi ukuthi kunjalo, ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu Kristu, ukuba kube njalo, kube yinkazimulo kaNkulunkulu.

226 Manje hlala uzivalele phakathi noNkulunkulu, qhubeka nje ukholwa manje, ngayo yonke inhliziyo yakho, "Nkosi, ngiyakholwa ukuthi Uyangiphulukisa khona manje. Ngiyakholwa, ngoba ngibeke isandla sami phezu kwalendoda *lapha*, yabeka isandla sayo phezu kwami, noma phezu kwalo wesifazane, wabeka isandla sakhe phezu kwami, ngiholiwe ukuba ngenze lokho, ngiholiwe ukuba ngibeke isandla sami phezu kwalomuntu, baholelwa ukuba babeke izandla zabo phezu kwami, uMoya oNgcwele ofanayo owatshela uSimeyoni, umnika isithembiso, wangihola ukuba ngenze lokhu siselapha ngqo kulendawo yokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Manje ngiyakholwa, Nkosi.

227 "Sathane, usungavele usuke kimi khona manje, ngoba ngithatha. . .NgiyiNzalo ka-Abrahama ngoJesu Kristu, futhi Ngithatha okokuqala."

228 Qhubeka nje ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ngenkathi ngisacela omunye wabelusi bethu lapha, oyedwa, u, omunye wabazalwane lapha, uma uthanda, uma uzoza wenze umkhuleko. Abanye, omunye wabelusi lapha, woza uzothatha inkonzo, omunye wenu lapha. Kulungile, mnumzane.

229 Kuze kube. . .Zethameli, zigcine uzivalele emizuzwaneni embalwa nje noNkulunkulu. Ngifuna ukunibuza manje, njengoba nihlehlisa izandla zenu komunye nomunye, futhi uthi, "Ngikholiwe, futhi ngiyaMthatha, khona manje, njengoMphulukisi wami, futhi akunandaba ukuthi uSathane uke azame ukungitshelani, ngizokholwa ukuthi uNkulunkulu uyangisindisa," phakamisa isandla sakho, uthi, "Manje ngiyakwemukela." Phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise. Yileyondlela yokukwenza. Gcina lolohlobo lokukholwa luqhubeka, futhi uzobona ngokwedlulele, ngokuchichimayo, ngaphezu kwakho konke ebesingakwenza ngisho noma sikucabange. Ngize nginibone kusasa ebusuku, nangu umelusi. UNkulunkulu anibusise.

